Downloaded from Stanmorephysics.com

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2019

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi angama-28.

Downloaded from Stanmorephysics.com

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle le miyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

ISIQEPHU A:	Inoveli	(35)
ISIQEPHU B:	Umdlalo	(35)
ISIQEPHU C:	Izindaba ezimfishane	(35)
ISIQEPHU D:	Izinkondlo	(35)

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, kunoma yiziphi iziqephu ezimbili ezilandelayo (umbuzo OWODWA ESIQESHINI NGASINYE).

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni KWESIQEPHU NGASINYE.

7. Bhala izinombolo kahle njengoba zibhaliwe kuleli phepha lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Indlela yokuhlela isikhathi encomekayo:
   Sebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

OKUQUKETHWE:

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

IZINOMBOLO ZEMIBUZO	AMAMAKI	IKHASI
ISIQEPHU A: INOVELI		
Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.		
1. *Ithemba Lami*	35	5
2. *Kusinda Kwehlela Endodeni*	35	8
3. Umshado	35	11
ISIQEPHU B: UMDLALO		
Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.		
4. *Ababulali Benyathi*	35	14
5. *Icala Kaliboli*	35	17
6. Isiko Nelungelo	35	20
ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE		
Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.		
7.1 'Ingoduso'	18	23
7.2 'Imfihlo Kamakoti'	17	24
ISIQEPHU D: IZINKONDLO		
Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.		
8.1 'Phansi'	18	26
8.2 'Kuyosala Izibongo'	17	27

Downloaded from Stanmorephysics.com

Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):

ISIQEPHU	IZINOMBOLO ZEMIBUZO	IMIBUZO EPHENDULIWE	THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE
A: INOVELI	1–3	1	
NOMA			
B: UMDLALO	4–6	1	
NOMA			
C: IZINDABA EZIMFISHANE	7	1	
NOMA			
D: IZINKONDLO	8	1	
QAPHELA: Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.			

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU A: INOVELI

UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-A no-B) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA A

'Babahlawulise kancane, yeka izwe lisabusa bebezovele bajojwe abathakathi bansondo. Ngiyazisa, futhi uNomgedla yena ngiyomkhohlwa ngifile ngiwafunge amaChunu.' Washo uNokulindela kwahlengezela izinyembezi.
'Sona saba sihle impela **isigwebo** sabo kodwa ngisafisa ukuzibambela mathupha ngiziphindisele.'
'Kanti-ke ndodana ungalaleli inhliziyo bese uziphathela umthetho ngezakho izandla ngoba uyojeza ngalokho.'

'Yiqiniso lelo baba, mane nami ngenziwa yinhliziyo kwazise ayigayelwa mphako.'
Sebebingelelene uNokulindela noyise, wabonakala uNokulindela ekhala, kepha kungezona ezosizi kungezenjabulo. Kwaba sengathi bobabili babengasenalo ithemba lokuthi uNokulindela uyobuye aphindele esimeni sakhe. Baxoxa eziningi uNokulindela efuna ukwazi ukuthi ngabe banjani ekhaya. Uyise-ke wagcina eseze wabazisa ukuthi bona njengomndeni banqume ukuthi uNokulindela ake angasheshi ukubuyela ngasekhaya. Into ababenovalo ngayo ukuthi babengazi ukuthi njengoba izinhliziyo zazisebomvu nje koZabalaza kwakungahle kwenzekeni. Into ayeyesaba uMchunu ukuthi funa athi ubuyisa ingane yakhe kanti useyimbela ithuna. Babona kungcono intombazane ike ihlale, indaba ize ithi sengathi iyalotha.

Bawuthakasela bobabili umqondo wokuthi ake ahlale ngaseMpangeni uNokulindela. Nakuba wayemkhumbula unina kodwa waziduduza ngokuthi uzobuye ambone, akusizi ukuthi ajahe ebaQulusini kanti ujahe ithuna. Nalapha eMpangeni kwasheshe kwajwayeleka, wagcina esethole nabangani ayexoxa nabo, nabo ababezizele ngezifo zabo.

1.1 Nikeza igama lengoduso kaSandanezwe. (1)

1.2 Bakuphi laba abaxoxayo kulesi siqeshana osifundile? (1)

1.3 Ngokwalesi siqeshana yini eyenza uMchunu abone kuyingozi ukuthi uSandanezwe azibambele mathupha/aziphindiselele koZabalaza? (2)

1.4 Iyiphi le nkinga ebhekene nengoduso kaSandanezwe eyenza ukuthi kungabi lula ukuphindela ekhaya ngokushesha yize isisindile ekuguleni kwayo? (2)

1.5 Lichazani leli gama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo njengoba lisetshenzisiwe kulesi siqeshana? Nikeza isibonelo esisendabeni.

'Sona saba sihle impela **isigwebo** sabo' (2)

1.6 Kwabangelwa yini ukuthi uNomgedla avume ukusiza uZabalaza kuleli su lakhe lokufakela ingoduso kaSandanezwe umuthi wentando? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo mshwana ongezansi sichaza ukuthini?
Indaba ize ithi sengathi **iyalotha**.

A Iyathuthuka
B Iyakhula
C Iyakhohlakala
D Iyasha (1)

1.8 Nikeza ubuhle kanye nobubi bezenzo zomlingiswa onguNonkamfela kule noveli. Bhala iphuzu eLILODWA eliveza ubuhle neLILODWA eliveza ububi. (2)

1.9 Hlaziya le noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo. Bhala iphuzu ELILODWA ngesihlokwana ngasinye.

1.9.1 Isisusa sodweshu. (2)

1.9.2 Ukukholakala kwezigameko/izehlakalo. Bhala sibe SINYE bese wesekela. (2)

1.10 Ucabanga ukuthi yayiyoba njani impilo kaSandanezwe ukuba wabekezela wahlala esibhedlela? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

KANYE

Ekufikeni kwakhe ekhaya wayilanda yonke indaba yendlela yakhe yaseMpangeni. Wayengawuvali umlomo ngomsebenzi kaNonkamfela nobuningi beziguli ayezifice kuloya muzi. Akekho umuntu owayengathokozile emzini kaMchunu ngokwelulama kwendodakazi yekhaya. Akazange aqule nakuqula uMchunu, nakuba wayeyiqonqela nje kodwa wayikhipha eyokuhlaba abonge abaphansi ngababemenzele khona.
'Mkhumane wami, angazi noma amathemba ami angiqongisa izintaba yini, kodwa ngizwa nginevuso lokuthi nakanjani uzosinda lapha. Ngifikelwa umfanekiso wethu sesihleli ndawonye sikhulisa abantwana bethu emzini wethu esiyobe sizakhele wona.'
'Khona kunjalo Nokulindela wami njengoba nami ubona sengathi ngiyakugwema ukuthi sihlangane besasikaza lokhu abakusikazayo yingoba ngifuna ungachaphazeleki nangephutha ngalokhu kugula yingakho ubona sengathi ngiyakugwema nje … Khona nami nginenkolelo yokuthi ngizosinda, zonke izinto sizenze sikhululekile singenaluvalo.
Khona ungathi sengiyabona we **madoda usugqishazela emagcekeni kwethu ungigqigqizelela.**'

'Phela lokho yikhona kanye engingakuthokozela ngoba ngingabe ngigqigqizelela umuntu engimthandayo nengazikhethela yena mina. Pho yiliphi idlozi elingavimbela izifiso ezinhle kanjena?'
'Asazi phela kodwa nakuba kungayi ngezifiso nezilokotho zabantu kodwa kulokhu nginethemba lokuthi kuzohamba ngokwezifiso zethu.'
'Amadlozi noSimakade ngeke benze ukuthi ubukhona babo sibungabaze.'
'Lisho uliphinde lelo. Mhlazane ngasinda, ngizimisele ukuwisa enkulu inkabi ngenze umsebenzi wokuzibongela kuMdali nakwabaphansi.'

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.11 Ngubani isibongo sikaSandanezwe lo okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)

1.12 Wababonga kanjani uMchunu abaphansi ngokusindisa indodakazi yakhe? (1)

1.13 Chaza kafishane ukuthi kungani uSandanezwe egwema ingoduso yakhe njengoba belashwa ndawonye nje. (2)

1.14 Ucabanga ukuthi likhona yini ipholavuthondaba/ibohlololo kule noveli? Sekela impendulo yakho. (2)

1.15 Yikuphi okufakazela ukuthi ingoduso kaSandanezwe ingumuntu othembekile futhi okwaziyo ukubekezela? (2)

1.16 Uyavumelana yini nombono wokuthi ingculazi ayelapheki? Sekela ngokubhekisa kuSandanezwe. (2)

1.17 Phawula ngobudlelwane phakathi kukaZondiwe noSandanezwe. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

1.18 Umbhali ulisebenzise ngokuyimpumelelo yini isu lokusethulela/lokusivezela uMaZikalala njengomlingiswa onakekelayo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-C no-D) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA C

Ezinye izinsizwa zajabula ukuzwa ukuthi usezohola kangcono njengoba babazi ukuthi usafanele athenge izinkomo zokulobola ingoduso yakhe ekhaya. Kulezi zinsizwa kwakukhona imizwilili yoqobo eyayicwenga kamnandi ngempela. Kwesinye isikhathi kwakuhlanganyelwa kuxoxwa ngezintombi abazishiye emakhaya. Kumbe kuxoxwe ngokukade kwenzeka ngoKhisimuzi emaceceni. NgoKhisimuzi kwenzeka kwahlangana izigodi komunye umgcagco zidlalisela ezintombini izinsizwa.
Ukungcweka ikona okwakudla ubhedu kulo mdlalo wodumo. Izintombi **ziyakikiza** uma izinsizwa zishaya induku. Kusukwa kuhlotshiwe kulo mdlalo. Ezinye izinsizwa zidla imitshotshovu kanti ezinye zibhincile amabheshu azo anhlobonhlobo, wena owabona embukisweni woqobo. Izihlangu ezisuke ziphethwe zinhlobonhlobo. Kukhona eziphatha izihlangu ezimaqandakawayiba, ezimpevu kanye nezinhlobonhlobo ngokwehlukana kwemibala yezinkomo. Zisuke zidlana imilala kule nkundla okudliselwa kuyona. Izinsizwa zishayane amakhanda bese ziyogeza emfuleni, zibuye sezincokolisana zitshelana ukuthi ngokuzayo kuyokuba omunye oyobe ezogezwa lapha. Kwakungavamisile ukuthi izinsizwa zibambelane amagqubu ngemuva kokungcwekisana. Uma ungakaganwa, omama bakubuza njalo ukuthi uyoganwa nini. Naye-ke uManyoba kwakuwumbuzo ayewuphendula zonke izinsuku lo. Kwase kuwuye kuphela kubafana owayengakaganwa, kodwa-ke kulokhu wabethembisa ukuthi usezothatha abammele kancane nje. Wayeyishaya induku lo muntu owayekhulumela phansi futhi ehlonipha. Nangalo Khisimuzi wayehlobile emuhle njengawo wonke umfana osekhulile.

2.1 Ngobani laba abajabulela ukuzwa ukuthi uManyoba usezohola kangcono? (1)

2.2 Amacece/Imicimbi yayivamise ukwenziwa ngasiphi isikhathi sonyaka kule ndawo yangakubo kaManyoba? (1)

2.3 Yisiphi lesi sidingo esibalulekile okwakumele sifezwe uManyoba ngokushesha njengoba wayesehola kangconywana nje? (2)

2.4 Ngokwalesi siqeshana osifundile yini eyenza ukungcweka kudle ubhedu kule micimbi yangakubo kaManyoba? (2)

2.5 Lichazani leli gama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo njengoba lisetshenziswe kulesi siqeshana? Nikeza isibonelo esisendabeni.

Izintombi **ziyakikiza**. (2)

2.6 Kwabangelwa yini ukuthi uManyoba azithole esehlala ngokwehlukana noMaNdlovu? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo mshwana ongezansi sichaza ukuthini?
Zisuke **zidlana imilala**.

A Ziyahambisana
B Ziyaqhudelana
C Ziyathethisana
D Ziyavumelana (1)

2.8 Nikeza ubuhle kanye nobubi bezenzo zomlingiswa onguThembalihle kule noveli. Bhala iphuzu ELILODWA eliveza ubuhle neLILODWA eliveza ububi. (2)

2.9 Hlaziya le noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo. Bhala iphuzu ELILODWA ngesihlokwana ngasinye.

2.9.1 Isisusa sodweshu. (2)

2.9.2 Ukukholakala kwezigameko/izehlakalo. Bhala sibe SINYE bese wesekela. (2)

2.10 Ucabanga ukuthi yayiyoba njani impilo kaManyoba ukuba waqhubeka nokusebenza epulazini? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

KANYE

ISIQESHANA D

'Uthi ikholwa elibiza uninazala ngenuku esikhundleni sokumwashela, amncishe ukudla? Athi akahlukane nengane yakhe iphuma esipotini?'
'Qha! Mina …'
'Wena bani? Akuwena yini owawuthethisa umama wakho, uthi akahlukane nengane yakho? Usumlahlile umama wakho usuzomfuna lapha engekho khona. Sengathi angangatholakala ngimfunge ubaba esemathuneni, **uyowukhomba umuzi onotshwala**. Phuma lapha ngingaze ngi …' Asho athathe iketela elinamanzi abilayo. Waphuma ngelikhulu ijubane elandelwa iketela.

Wafika ekhaya wangawuvala umlomo ngendlela uMaNdlovu amtshele ngayo. Baqala ukuba bethuke manje, kwakufanele ukuba basuke ngaso leso sikhathi baye eMnambithi nabo bayofuna lapho becabanga ukuthi bakhona oyise nonina. Bahamba ubusuku bonke indodakazi yabo ingafuni ngisho ukubakhulumisa.

EThekwini uMjwayeli nomkakhe baya kulo muzi lapho uyise wayejwayele ukuya khona. Bathi bengena nje esangweni, indoda yavulela inja **kwakhalwa ubumayemaye** inja enkulu ibasukela, wayikhuza. Bacela ukukhuluma nayo, yathi abangene.

Baba ukungena nje endlini yababuza: 'Nginganisiza ngani?'
Kwaphendula uMchunu: 'Besicela ukubuza ukuthi ubaba evalelisa kinina akashongo yini ukuthi uyaphi?'

'Uthe uya eMnambithi. Nikushiso yini lokho?'
'Abafowethu ababatholanga esiteshini, bafike sebehlile esitimeleni.'
'Kanti ubaba wenu ngempela uMchunu naningamnakile nje. UMchunu ubehamba ngezinto ezinganakekelwe zonke izinsuku ukhona makoti?'

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.11 Nikeza isibongo sikaMjwayeli lo okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana. (1)

2.12 Wabona kanjani umakhelwane kaFanyana ukuthi uMaNene akamthandisisi kahle umamezala wakhe? (1)

2.13 Chaza kafishane ukuthi kungani indoda yalapho uManyoba wayejwayele ukuya khona yavulela izinja ngesikhathi ibona oMjwayeli bezongena emzini wayo. (2)

2.14 Ucabanga ukuthi likhona yini ipholavuthondaba/ibohlololo kule noveli? Sekela impendulo yakho. (2)

2.15 Yikuphi okufakazela ukuthi umama kaMduduzi wayeyinkosikazi ekhuthele? (2)

2.16 Uyavumelana yini nombono wokuthi ukubekezela kuyasiza? Sekela impendulo yakho ngokubhekisa kuManyoba. (2)

2.17 Phawula ngobudlelwane phakathi kukamakoti kaMjwayeli nobabezala wakhe. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

2.18 Umbhali ulisebenzise ngokuyimpumelelo yini isu lokusethulela/lokusivezela uNgobese njengomlingiswa onobuntu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-E no-F) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA E

Kwathuleka endlini. Isalukazi sabheka phezulu sengathi siyathandaza. Amehlo agcwala izinyembezi ngokushesha. Sabuka uBhekani emehlweni futhi.
'Angiyazi ukuthi ngizoyenzenjani le nto ngoba phela wena uyisifundiswa.'
'Usho ukuthini mama?'
'Impela. Ulaka lukayihlo lolu. Ngisho ungaya esangomeni uyobhula siyokutshela le nto engiyishoyo.'
Wathula uBheki, wabuka unina engagculiswa yile nkulumo yakhe. Walindela okungcono, akwababikho. Kwalandela okumxakayo futhi.
'Thatha impepho mfana uyishise uxolise kuyihlo.'
'Angiyazi le nto oyishoyo mina mama.'
'Ngizokufundisa,' esho ekhahla unina.
'Ngixolisa nje icala lami yini ngempela kubaba?'
'Usumtholile umfazi okwathiwa mfune azokugana? Angithi usuke wagijima nabafelokazi?' Walizwa icala lakhe uBheki. Wakhumbula ukuthi leli cala uzimisele ukulithwala noma kunzima kangakanani. Wathula wabuka unina.
'Ngizoyishisa kusasa impepho mama.'
'Uyazi noma uzobulala ubuthongo namuhla uyihlo?'
'Ngizolala. Bukhulu lobu buhlungu asengizwise bona.'
Isalukazi sasuka saphuma sayozilalela samshiya kanjalo uBheki ekhamisile. Kwafika kuye ukuthi cha, impepho uzoyishisela ukuthi uyise emukele uTholakele njengomakoti wakhe.
'Kufanele ukuthi naye ubaba uyabona ukuthi ngiyamthanda uTholakele. Ngizocela ukuba azame ubaba ukumthatha njengomakoti walapha ekhaya.' Ukhuluma yedwa uBheki ulungiselela ukulala. Ubuthongo bafika esecabanga ukuhlala kwakhe noTholi nakho konke abakwenzile.

3.1 Ngubani lesi salukazi okukhulunywa ngaso kulesi siqeshana? (1)

3.2 Bakuphi oBhekani nalesi salukazi njengoba bexoxa nje? (1)

3.3 Iyiphi le nkinga ayebhekene nayo uBhekani ngalolu suku? (2)

3.4 Ngokwalesi siqeshana osifundile yisiphi lesi senzo sikaBhekani esacasula ubaba wakhe? (2)

3.5 Lichazani leli gama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo njengoba lisetshenzisiwe kulesi siqeshana? Nikeza isibonelo esisendabeni.

'Ngizokufundisa,' esho **ekhahla** unina. (2)

3.6 Kwakubangelwa yini ukuthi umalume kaBhekani angavumi ukwamukela uTholakele njengomakoti womshana wakhe? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo mshwana ongezansi sichaza ukuthini?

… samshiya kanjalo uBheki **ekhamisile**.

A Samshiya elele
B Samshiya emangele
C Samshiya ethukuthele
D Samshiya ehleka (1)

3.8 Nikeza ubuhle kanye nobubi bezenzo zomlingiswa onguLindiwe kule noveli. Bhala iphuzu ELILODWA eliveza ubuhle neLILODWA eliveza ububi. (2)

3.9 Hlaziya le noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo. Bhala iphuzu ELILODWA ngesihlokwana ngasinye.

3.9.1 Isisusa sodweshu. (2)

3.9.2 Ukukholakala kwezigameko/izehlakalo. Bhala sibe SINYE bese wesekela. (2)

3.10 Ucabanga ukuthi yayiyoba njani impilo kaTholakele ukuba wavuma ukungenwa nguBhatomu? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

KANYE

ISIQESHANA F

Siphume isikole. Aqonde ekhaya uBheki ayochazela unina ukuthi uhambe kanjani. Baluxoxe isikhathi eside udaba nonina. Unina atshele uBheki ukuthi kukhona umuntu ambonile emini. Sengathi ubekhona emotweni ethathe uLindiwe.
'Umbonephi?'
'Esitolo.'
'Ungamkhomba nje mama?'
'Ngingamkhomba. Ngimbuzile kwabanye bangitshela ukuthi ubani, sengikhohliwe manje.'
'Kodwa uthi ngabe bambulele uLindiwe?'
'Angisho ngabe sesizwile. Kuzofuneka sithumele kubo sizwe ukuthi ukhona yini.'
Bathi ukuthula uBheki **esadla amathambo ekhanda.**
'Ake ngihambe ngihogela le ndaba nami mama. Uma ngephuza ukubuya uvale mama.'
'Uyiphathe ngesinono le ndaba Bheki. Uma izigebengu zingathola ukuthi uyasesha **zingakwenzakalisa** mntanami.'
Avalelise uBheki. Aqonde kuTholakele. Sekumnyama impela. Acabange ukuthi uyobe ufile uma efice umlungu kaTholi. Ahambe asheshe. Sekuvaliwe emnyango kaTholakele. Angqongqoze. Avule uTholi. Angene uBheki.
'Bengithi usungilahlile mntakwethu,' kusho uTholakele. Asho maqede agaxe uBheki amphose endlini. Babambane bemile bangane isikhathi eside.

Downloaded from Stanmorephysics.com

'Yini le ekade isha lapha endlini?'
'Kusho ukuthi kukulezi zindlu engakhelene nazo.'
Aqalaze indlu yonke uBheki. Abone amakopi otshwala engasenalutho.
'Ubani obephuza lapha?'
'Abanye nje abangani bami. Uzohamba noma uyalala?' 25
'Angihambi Tholakele.'
'Kwangcono. Ngingakwenzela ukudla?'
'Kungcono into ephuzwayo.' Nempela asukume uTholi enze isiphuzo.

3.11 Ubani lo Lindiwe okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)

3.12 Wabona kanjani uBheki ukuthi kwakukade kuphuzwa utshwala endlini kaTholi? (1)

3.13 Chaza kafishane ukuthi iphunga uBhekani ayelizwa endlini kaTholakele lalibangelwa yini. (2)

3.14 Ucabanga ukuthi likhona yini ipholavuthondaba/ibohlololo kule noveli? Sekela impendulo yakho. (2)

3.15 Yikuphi okufakazela ukuthi umama kaBhekani wayengumuntu onothando lwengane yakhe? (2)

3.16 Uyavumelana yini nombono wokuthi uthando lungamenzisa noma yini umuntu? Sekela ngokubhekisa kuBhekani. (2)

3.17 Phawula ngobudlelwane phakathi kukaTholakele noZenze. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

3.18 Umbhali ulisebenzise ngokuyimpumelelo yini isu lokusethulela/lokusivezela uTholakele njengomlingiswa onesimilo esibi? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU B: UMDLALO

UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-G no-H) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA G

DLAMINI: *(… ehlise inkomishi ayibeke esosweni.)* Siyezwa nje bekhuluma ngokufaka itiyela emgwaqeni, ukufaka ompompi bamanzi kanye nokufaka **ogesi abazokhanyisa ucoshe inaliti phansi endlini**.

SHANDU: Dlamini! Dlamini, ngaphi kokuthi abantu bafuyile? Phela imfuyo yethu izogugelwa yizinselo.

DLAMINI: Wena Ndabezitha ukhaliswa wubala. Ngubani ozokhokha amaleyithi? Iyovelaphi imali yamaleyithi lawo emakhaya?

SHANDU: *(alule isandla esinenkomishi sakukhomba uDlamini)* Kukini Dlamini. Phela mina nginezinduna ezixegelwa ngamakhanda, abantu bami bayokhokha baze bangakwazi nokuthenga ukudla.

DLAMINI: *(anikine ikhanda)* Ngeke Ndabezitha! Ngeke bakubone lokho. Kanti ngekabani le ndawo esesizoyikhokhela?

SHANDU: Nina Dlamini, selokhu naba yizinduna, anikaze nihole kodwa lezi zinqukuza ngamakhanda zamakhansela, ziyahola. Futhi aziholi ubala. Nani-ke kufanele lo Hulumeni aniholele.

DLAMINI: *(ehleka sakubhuqa)* He! He! Wo! Ubani!? Aholele bani? Phela labo bacabangelana bodwa. Uma ungesiye usopolitiki awuyinto yalutho. Abanye bathola ithuba ekukhethweni nje ngoba babelwa kakhulu ngenkathi kubulalana abantu bezinhlangano zepolitiki. Thina sazi ukuthi uma kubekwa indoda, ibekwa ngoba ihlakaniphile futhi ingumnumzane onemfuyo. Lokhu kwabo kwehlukile.

SHANDU: We Dlamini! Awusho. Uma efika uDuma ezocela imvume ngohlelo afuna ukulwenza, ngithini?

DLAMINI: *(ahebeze ngezandla)* Cha! Cha! Ndabezitha ungazikhamanisi. Umchithe! Umchithe zisuka nje. Phela ukubusa kwakho kungazulelwa ngamanqe. Cha! Ngiyaphika Ndabezitha. *(anikine ikhanda)*

4.1 Yiluphi lolu hlelo akhuluma ngalo uShandu kulesi siqeshana? (1)

4.2 Ngubani leli khansela okukhulunywa ngalo kulesi siqeshana? (1)

4.3 Shono umlingiswa owashona eyimpohlo neqhaza alibambile kulo mdlalo. (2)

4.4 Bhala isizathu sikaShandu sokungafuni ukuvele alichithe nje ikhansela. (2)

4.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo mshwana ongezansi sichaza ukuthini?

Ndabezitha, uyobe **usuvulele amanzi** uqobo.

A Usudale izinkinga
B Usungcolise endlini
C Usuchithe amanzi
D Usumoshe amanzi (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.6 UMaShezi uwuthanda ngokweqiniso umphakathi obuswa yinkosi uShandu. Bhala amaphuzu AMABILI afakazela lesi sitatimende ngalokho okwenzeka endabeni. (2)

4.7 Bhala uhlobo lwesifenqo oluqukethwe umusho olandelayo:

'… **ogesi abazokhanyisa ucoshe inaliti phansi endlini.**' (1)

4.8 Tomula amazwi ayimiyalelo yokwenzeka enkundleni (stage directions) asethulela izenzo zikaDlamini ezigcizelela ukuphikisana kwakhe nombuzo wenkosi kulesi siqeshana. Bhala kube KUBILI. (2)

4.9 Wawungayeluleka uthini inkosi uShandu ukuba wawunikwe ithuba? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.10 Bhala isigameko esaholela ekuthini kusuke udweshu emhlanganweni owawusesikoleni kulo mdlalo. (2)

4.11 Yiliphi iqhaza elibanjwe nguMazongolo kulo mdlalo? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

4.12 Chaza isizinda salo mdlalo ngokwendawo. Nikeza iphuzu ELILODWA. (2)

KANYE

ISIQESHANA H

MBANDLWA:	Wena nje zama ukuthi ulahle uMaShezi umqondo ngoba le ndaba yokuyokhuleka enkosini mina angiyifuni. Le nkosi ayibuzwe ubuhlungu bokubukela wena ulawula ngaphandle kwayo. Sazabalaza thina! Bafa abantu sizabalaza! Yayikuphi inkosi? Angithi yiyo eyayisijaha ngezinja zayo? Mfowethu ayikho into ebuhlungu ukwedlula ukulahlekelwa ngamandla akho.	5
DUMA:	*(aneke izandla njengodelile)* Uqedile ungethole. Inkosi ayiphuze umuthi owaxutshwa yiyo.	
MBANDLWA:	*(amkhombe ngonkomba)* Duma! Ungenzenjani uma inkosi ingakubizela komkhulu kusasa?	10
DUMA:	*(achithe ngesandla sokudla)* Ubani? Ngithi ubani abize bani? Kahle wena bo! Hheyi! Ingabona amehlo esibungu!	
MBANDLWA:	*(ahleke aze aqethuke)* He! He! He! Ngithanda indoda enjalo-ke mina.	
DUMA:	Mfo! Angihambe manje. Phela kuhlwile phandle. Sebengaze bangiklunyule intamo oDlamini.	15
MBANDLWA:	*(asukume elungiselela ukumkhipha)* We! Ukhathele lowo! **(Baphume bobabili.)** **Isigcawu sesithathu** **(UDuma uhamba yedwa okhalweni. Sekuhlwile, ukhuluma yedwa.)**	20

Downloaded from Stanmorephysics.com

DUMA:	Cha, usengcono uMbandlwa ngoba akasakhali ngekhanda elibuhlungu. Ngempela uMbandlwa uyofa lapho nami ngofela khona. Umdlula ngamalengiso uPetro waseBhayibhelini ngoba lowo wamphika uJesu ngesikhathi sobunzima. Izeluleko zikaMaShezi ngiyazizwa nje kodwa okushiwo nguMbandlwa yikho engikukhethayo ngoba sasinaye sehla senyuka sizama ukufaka umzabalazo kule ndawo. Wo! Ukube sasingekho, izicashalala zenkosi zaziyowucisha nya umzabalazo wethu wokufaka umjovo wamandla omzabalazo wabantu. **(Kukhale ikhwela emuva kwakhe. Libuye lizwakale elinye nangaphambili. Ame nse uDuma. Kuqhume isibhamu. Adideke manje kuhle komuntu osanganelwe yingqondo. Asuke inhlamvu, abaleke aze ayosithela.)**	25 30

4.13 Yiziphi lezi zinja athi uMbandlwa inkosi yayibajaha ngazo? (1)

4.14 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU isizathu sokuthi uDlamini azithole esevalelwe ejele. (3)

4.15 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
4.15.1 USayitsheni	A Ummeleli kulo mdlalo
4.15.2 UDuma	B usola uDuma ngokungahloniphi inkosi
4.15.3 UFohloza	C ummeli
4.15.4 USidamba	D unogada wenkosi uShandu

(4 x 1) (4)

4.16 Uyazwelana yini noDuma ongumlingiswa omkhulu/oqavile kule nkinga abhekene nayo yokuzingelwa ngabantu abazwelana nenkosi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.17 Uyavumelana yini nokuthi imbangela yokungezwani phakathi kwenduna uDlamini nonobhala wekhansela uMbandlwa ukwehla kwezinga lenhlonipho kubaholi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.18 Ngokucabanga kwakho yini okumele yenziwe uHulumeni ezweni lakithi ukuqinisekisa ukuhlalisana kahle phakathi kwabaholi bombuso wendabuko nowentando yeningi? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-I no-J) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA I

(UNhleko wasigcina isithembiso sakhe sokubikela unina kaSonto ukuthi kuqhubekani. Nebala wafika uMaMKhize esezobona uSonto esitokisini.)

MAMKHIZE: *(Amehlo agcwele izinyembezi.)* Kunjani kodwa mntanami?
SONTO: Impela kubi mama, **ijele lilengela phezu kwami**.
MAMKHIZE: Kayikho yini indlela yokuthola ummeli akuzamele ibheyili? 5
SONTO: Eyi, kayikho imali yommeli mama. Ngale nje kwalokho, kangiboni ukuthi bekuzovunywa ngoba amacala ami mabi kakhulu.
MAMKHIZE: *(Ekhulumela phansi.)* Kodwa kwase kwenzenjani usubulala uMfundisi wabantu Sonto mntanami?
SONTO: *(Naye ekhulumela phansi.)* Eyi, ngangihlaselwe uSathane mama. 10
Nezinkinga zazisho ukungiqeda.
MAMKHIZE: Zinkinga zini lezo manje?
SONTO: *(Ekhala)* Kakusasizi ukufihla mama.
MAMKHIZE: Ukufihla? Ukufihlani?
SONTO: Yimina mama engathuma abantu ukuba babulale umkaMbhele. 15
MAMKHIZE: Yehheni bakithi! **Kanti le ngane injani?**
SONTO: Manje lo muntu owangibulalela umkaMbhele ubesephumile ejele esefuna imali yakhe.
MAMKHIZE: Kanti wawungamkhokhelanga yini?
SONTO: Lutho mama. 20
MAMKHIZE: Wawungayenza kanjani into enjalo?
SONTO: Ngangizitshela ukuthi uyofela ejele. Nakho-ke esehliselwa isigwebo, eseziphatha kahle esephuma emva kweminyakana nje.
MAMKHIZE: Manje ukufa kukaMfundisi kuhlanganaphi nalo muntu?
SONTO: UMfundisi ngambulala ngoba … 25
MAMKHIZE: Awu, ngaze ngasizala isikhohlakali!
SONTO: Ngangifuna imali yomnikelo mama ukuze ngikhokhele lo muntu owayebulele umkaMbhele.
MAMKHIZE: Kawabe usamkhokhela ngani pho umuntu? Kawuyitholanga yini imali yomnikelo lowo? 30
SONTO: Ngayithola mama.
MAMKHIZE: Wayishonisaphi?
SONTO: Yavele yalahleka.

5.1 Wayenza msebenzi muni uNhleko? (1)

5.2 Bhala igama lomngani kaMthofi abenza naye ubugebengu. (1)

5.3 Shono ukuthi waboshwa iminyaka emingaki uMthofi nesizathu sokuba asheshe adedelwe. (2)

5.4 Yisiphi isizathu sikaMaMkhize sokufuna ukuthi uSonto athole ummeli? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo mshwana ongezansi sichaza ukuthini?

Ijele **lilengela phezu kwami**.

A Uzovelelwa yibhadi.
B Uzokwehlelwa yingozi.
C Uzovalelwa esitokisini.
D Uzophelelwa wumsebenzi. (1)

5.6 USonto uyithanda ngokweqile imali. Bhala amaphuzu AMABILI afakazela lesi sitatimende ngalokho okwenzeka kulo mdlalo. (2)

5.7 Bhala uhlobo lwesifenqo olutholakala kulo musho:

Kanti le ngane injani? (1)

5.8 Tomula amazwi ayimiyalelo yokwenzeka enkundleni (stage directions) asethulela izenzo zikaMaMkhize noSonto ezigcizelela umuzwa wosizi kubona kulesi siqeshana. Bhala kube KUBILI. (2)

5.9 Wawungameluleka uthini uMaMkhize ukuba wawunikwe ithuba? (2)

5.10 Bhala isigameko esaholela ekutheni kube nodweshu phakathi kukaSonto noMthofi ngokwalesi siqeshana. (2)

5.11 Yiliphi iqhaza elibanjwe nguDlamini kulo mdlalo? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

5.12 Chaza isizinda salo mdlalo ngokwendawo. Nikeza iphuzu ELILODWA. (2)

KANYE

ISIQESHANA J

(Enziwa wonke amalungiselelo, wagcina ungcwatshiwe umlotha kaMbhele. Ngemuva kwamaviki ambalwa uSonto waya kuNtshangase eyofuna izimfanelo zakhe.)

NTSHANGASE: *(Emxhawula)* Ninjani nkosikazi Mbhele?
SONTO: *(Ngesizotha)* Siyaphila mfowethu, kuseyizo nje izinhlungu zokushonelwa ngubaba.
NTSHANGASE: Awu! Kuzodlula nje, izinto esiphila ngazo lezo.
SONTO: Asethembe ukuthi kuzodlula nanxa kusenzima nje ukubhekana nempilo.
NTSHANGASE: Kufanele kube nzima. Akuyona into encane ukushiywa ubaba wasekhaya. Nokwenza uma ehambe ngendlela esabekayo kanjena.
SONTO: Iyeke leyo mntanomuntu.
NTSHANGASE: E, singakusiza ngani-ke dadewethu?

Downloaded from Stanmorephysics.com

SONTO:	Cha, nami sengithi kangizolunguza ukuthi izimfanelo eziqondene nomndeni zihamba kanjani. Ngiyathemba angikujahanga ngendaba …	15
NTSHANGASE:	Cha, lutho neze. Empeleni kufanele ngabe sengike ngakuthinta. Ukuthi nje kukhona ebengisakulungisa, bese ngivele ngizokuthinta.	20
SONTO:	Kungcono-ke uma kunjalo. Angifuni phela kube sengathi ngikufundisa umsebenzi wakho. Into nje kunezimo okufanele ngizilungise ngokushesha.	
NTSHANGASE:	Khululeka nkosikazi Mbhele, ngeke ngilokhu ngenza kancane.	
SONTO:	Impela ngingumuntu ophuthumayo. *(UNtshangase aqonde eshalofini adonse ifayela. Alithi pheqepheqe.)*	25
NTSHANGASE:	Kukhona okumele ngikwazise khona dadewethu mayelana nalo ifa.	
SONTO:	Ngilalele mfowethu.	
NTSHANGASE:	Ngaphambi kokufa kwakhe, uMphemba weza kimi wangitshela ukuthi usola sengathi kukhona abafuna ukumbulala.	30
SONTO:	(*Ezethukisa*) Awu! Angikwazi-ke lokho**.**	

5.13 Wayezokwenzani uSonto ehhovisi likaNtshangase? (1)

5.14 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU isizathu sokuthi uMbhele angcwatshwe esengumlotha kungangcwatshwa isidumbu sakhe. (3)

5.15 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A		IKHOLOMU B	
5.15.1	uMaNsibande	A	ummeli
5.15.2	uDlamini	B	ukhonza noSonto
5.15.3	uNtshangase	C	ummeleli kulo mdlalo
5.15.4	uSonto	D	wantshontsha imali

(4 x 1) (4)

5.16 Uyazwelana yini nomlingiswa onguSonto kule nkinga agcina ebhekene nayo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.17 Uyavumelana yini nokuthi imbangela yezinkinga zikaMbhele noSonto ukungathembeki kwabo bobabili. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.18 Ngokucabanga kwakho yini okumele yenziwe ezweni lakithi ukunciphisa izigameko zokubulawa kwabantu besilisa, bebulawa ngamakhosikazi abo, ebabulalela imali yabo njengoba kwenza uSonto kuMbhele? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-K no-L) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA K

(Kusekuseni, uThenjiwe uhlezi endlini. Ukhuluma yedwa.)

THENJIWE: **Impela ukufa kungizondile**. Angisaphathi-ke udlame. **Lungenze isilo sengubo.** Kodwa ngavele ngabona indlela abengiphethe ngayo uMntungwa. Bengisathi ngisazomenzela izimanga. Bengithi nje ngifuna ukumzalela umqemane webhungu. Into engiphethe kabi ukuthi ngisemncane ngiyoguga nini nje ngiphethwe yisizungu esinje. Kusho ukuthi ngizoba yingane yalapha ekhaya? Ngeke. Ngizocela ukuba bangidedele ngizibuyelele ekhaya ngiyoqala impilo phansi. *(Athule kancane*) Bangisize-ke Nkosi yami bangangitsheli indaba yokungena. Ngeke ngiyingene. Ngingamane ngife ngiyimpohlo. *(Kungene uThabi.)*

THABI: Bengithi uyakhuluma sisi?

THENJIWE: Cha, ngisuke ngaphunyukwa umcabango. Into engiyenziwe udlame ngeke ngiyikhohlwe Thabi.

THABI: Impela nami sisi ngisho njalo. Impela ubhuti uSkhumbuzo ubesemncane kabi. Siyomkhumbula kakhulu. Manje wena sisi uzokwenzenjani?

THENJIWE: Angazi Thabi. Ngicabanga ukucela ubaba ngivele ngizibuyelele ekhaya.

THABI: Ngeke kulunge sisi. Phela thina bese sijwayele ukuhlala nawe. Kungakubi nje uma ungasekho lapha ekhaya. Sengathi ubaba angeze avuma.

THENJIWE: Into manje uma ngihleli lapha ekhaya; ngeke ngize ngikuthole ukujabula. Ngiyohlale ngikhumbula uMntungwa njalo nje. Ubengithanda; ngimthanda lowo muntu.

THABI: Cha uqinisile lapho sisi; kodwa yena umama angathini nje ezwa kuthiwa uyahamba. Sihlushwa ukuthi asinayo into esingakuqeda ngayo isizungu. Besingayifuna siyithole uma ikhona. Uma ubuyela ekhaya kusho ukuthi kuyobuyiswa nelobolo?

6.1 Bhala isimanga lesi uThenjiwe abezosenzela uSkhumbuzo. (1)

6.2 Ngubani lo baba athi uThenjiwe uzocela kuye ukugoduka? (1)

6.3 Shono umlingiswa owashona engaganiwe kulo mdlalo nendawo ashonela kuyona. (2)

6.4 Yisiphi isizathu sikaThenjiwe sokufuna ukubuyela ekhaya? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

6.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo mshwana ongezansi sichaza ukuthini?

Lungenze isilo sengubo.

A Lwembathe ngaye udlame.
B Lumcebile kwabakubo udlame.
C Lumenze isilima emphakathini.
D Lumenze into ebuhlungu. (1)

6.6 Umndeni kaZungu umthanda ngokweqiniso uThenjiwe. Bhala amaphuzu AMABILI afakazela lesi sitatimende ngalokho okwenzeka endabeni. (2)

6.7 Bhala uhlobo lwesifenqo oluqukethwe umusho olandelayo:
Impela **ukufa kungizondile**. (1)

6.8 Tomula amazwi ayimiyalelo yokwenzeka enkundleni (stage directions) asethulela izenzo zikaThenjiwe ngesikhathi ecabanga engakangeni uThabi kulesi siqeshana. Bhala kube KUBILI. (2)

6.9 Wawungameluleka uthini uThenjiwe ukuba wawunikwe ithuba? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.10 Bhala isigameko esaholela ekutheni kube nodweshu phakathi kukaMaMbatha noThenjiwe kulo mdlalo. (2)

6.11 Yiliphi iqhaza elibanjwe nguThabi kulo mdlalo? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

6.12 Chaza isizinda salo mdlalo ngokwendawo. Nikeza iphuzu ELILODWA. (2)

KANYE

ISIQESHANA L

(KukwaZungu. Kuhlangene uzalo lwakwaManzini nakwaMondise)

MONDISE: Ngidabuka kakhulu ngesenzo sale ngane bakwethu. Nina bakwaManzini siyashweleza.
ZUNGU: Nathi usethusile umakoti. Asazi-ke noma uzokhuluma namuhla, ngoba selokhu kwavela lo mhlola usevele awuhlabe inhlali uma umkhulumisa. Ngibona kungcono azikhulumele naye.
MONDISE: Asazi-ke Manzini noma nizimisele yini ngokusixolela kuleli cala esilenzile?
MAMBATHA: Singaxola bakwethu kodwa nje sifisa ukwazi ukuthi le ngane ize icishe ibulale uDumisani nje yini inkinga.
MONDISE: Awuzikhulumele Thenjiwe sizwe.
THENJIWE: *(Athule. Amehlo acwebe izinyembezi)*
ZUNGU: Okubi yikho ukuthi intombazane isingumuntu wezinyembezi kuphela. Kusemqoka ukuthi ikhulume ukuze singayiyisi ejele.

Downloaded from Stanmorephysics.com

NONDUMISO:	Thenjiwe mntakamama! Zama ukukhuluma sizwe uvo lwakho.	15
THENJIWE:	*(Ngeliphansi)* Ngicela uxolo.	
MONDISE:	Uthini? Asizwa!	
NONDUMISO:	Uthi ucela uxolo!	
MAMBATHA:	Ukuba le ngane yayivele yasilalela kwasekuqaleni ngabe ayikho yonke le nkinga. Mina ngabe ngithi ayivume ukungenwa uDumisani. Yikho lokho-ke obekuzosikhombisa ukuthi ifuna ukuxolelwa.	20
ZUNGU:	Kodwa yena uDumisani usengavuma ukuthatha umuntu osecishe wamenza isilo sengubo iziqubu ezimbili?	
DUMISANI:	Anginankinga baba. Ngiyazi ukuthi ubengangibulali ngoba engizonda kodwa ubelwa nesiko.	25
MONDISE:	Sengikucela okokugcina ndodakazi. Ukuze udaba luphele lapha kulo muzi vuma ukugana uDumisani.	
THENJIWE:	*(Ngelokukhala)* Senginamahloni baba. Sengiyesaba … ba.	
MAMBATHA:	Ukugana kwakho uDumisani kuyogqiba zonke izenzo osewake wazenza. Akekho osayophinde azikhulume.	30

6.13 Uhlobene kanjani uThenjiwe noNondumiso? (1)

6.14 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU izenzo zikaThenjiwe ezazihlanganise umndeni kaMondise nomndeni kaZungu njengoba kukhulunywa kulesi siqeshana. (3)

6.15 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A		IKHOLOMU B	
6.15.1	UGugu	A	uSkhumbuzo
6.15.2	UThenjiwe	B	umngane kaThenjiwe.
6.15.3	Udlame	C	umqhathi
6.15.4	Isiko	D	ummeleli kulo mdlalo

(4 x 1) (4)

6.16 Uyazwelana yini nomlingiswa onguSipho kule nkinga agcina esengene kuyona kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.17 Uyavumelana yini nokuthi imbangela yenkinga kaThenjiwe kulo mdlalo ukungahloniphi kwakhe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.18 Ngokucabanga kwakho yini okumele yenziwe ezweni lakithi ukunciphisa izigameko zokuphoqelela omakoti abashonelwe ngabayeni babo ukuthi bangenwe ngabafowabo babayeni babo? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2

UMBUZO 7

7.1 **'INGODUSO' – NE Mbesa**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA M

Ngiwedlule-ke lo mfula. Ngithi ukuqalaza emuva ibanga esengilihambile, yize kungekho nakubona kahle ngenxa yobumnyama lobu. Cha, sengihambile nokho. Amamayela ayishumi aphelile ngihamba. Ungicasulile nje naloya muntu wemoto obengikhwezile ukuthi sengimkhokhele yonke imali yakhe athi ngeke akwazi ukungiwelisela esitobhini kwaChonco. Bekuzoba lula ukufika ngokushesha kuNokwazi. Manje ngihlalelwe ngukuthi uma ngifika kubo ngilokhu nginyonyoba ukuze umkhwe wami ngingathuki sengizithela kuye.

Ngisamhlonipha phela naphezu kokuthi sengamehlisa emthini, ngawaqaqa namazinyo. Ukuba bengingesiye umuntu onenhliziyo enhle besizoxabana impela naloya mshayeli wekhumbi, ngoba ngimkhokhele ishumi lonke lamarandi, uyasuka lapho uthi ngeke impela nje angibeke kude kangaka. Ungitshela nendaba yokuthi uma imoto yakhe isithathwa yizinswelaboya leli shumi lamarandi engimnike lona liyokwazi yini ukuthenga enye imoto entsha. Kwasho ukuthi nami ngiyaxhifikelwa-ke, angikwazi ukuncenga omunye umuntu, kangakanani kuyindoda-ke futhi?

Akahambe. Kwamali leyo engimnike yona ngeke imnothise. Yini yona ishumi lamarandi kule nyamfunyamfu engiyiphethe?
Ngiqhubeke nohambo. Ngisahamba ngawo umgwaqo, ngoba ngenqena ukuthi uma ngithatha izindlela ezinqamulelayo ngizosuke ngeduke, kubuye kunenkungu lapha. Akusekude kangako ekhweni lami, sengizothi cababa nje, nansiya intaba yokugcina, ebese ngidonsa ngethafa njalo, ngikhuphukele emzini kaGodide, ngike ngibone nethemba lami.

7.1.1 Wayeya kubani umbhali wale ndaba ngalolu suku? (1)

7.1.2 Yisiphi isikhathi sosuku lo mlisa ahamba ngaso? (1)

7.1.3 Chaza kafishane ngecala elenziwa ngumlingiswa omkhulu nokwaholela ekutheni aze aboshwe. (2)

7.14 Bhala isenzo somshayeli esacasula umxoxi wale ndaba. (2)

7.1.5 Yikuphi okusitshela ukuthi umxoxi wale ndaba wayeseqalile ukukhokha ilobolo ekhweni lakhe? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.1.6 Indaba emfishane kuyancomeka ukuba inamathele esigamekweni esisodwa kuphela. Chaza ukuthi ufezekile yini lo mgomo kule ndaba. (2)

7.1.7 Ukwazile yini umbhali ukulandela umgomo wendaba emfishane omayelana nenani labalingiswa kule ndaba? Sekela impendulo yakho. (2)

7.1.8 Isihloko sale ndaba siyahambisana yini nokwenzeka endabeni? Sekela impendulo yakho. (2)

7.1.9 Ngokucabanga kwakho sasiyoba njani isiphetho sikaNokwazi nomxoxi ukuba akashonanga uNokwazi? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.1.10 Wena wawungameluleka uthini uNgwane kulesi simo abhekene naso sokushonelwa yingoduso yakhe kule ndaba? (2)

KANYE

7.2 **'IMFIHLO KAMAKOTI' – MT Mkhize**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

ISIQESHANA N

Ngokuphazima kweso wethuka eseseqeleni elisithele esiteshini sesitimela, okuyindawo enezihlahla ezimfishane. URebecca wamkhombisa uRoy lapho kwakufanele aqhwande khona ngothi emhlabathini.
URoy waqhwanda kancane eceleni kwesihlahla kwaphuma isikhwama sikaseyili esivaliwe.
Wathi uRebecca uRoy makasivule. Nangempela uRoy wasivula. Kwavela izitaki zemali engamaphepha ziboshwe ngezihlilingi.
'Inkinga enginayo-ke Roy yadalwa yile mali. Le mali yawa kubantu ababebaleka nayo bexoshwa ngamaphoyisa bebambe inkunzi laphaya esiteshini sakwaLoliwe. Bathi lapho bedlula kimina-ke labo bantu bayilahla phansi, mina ngayithatha, amaphoyisa akazange ayibone. Ngancamela ukungafiki emsebenzini ngesikhathi, ngaya koyigqiba lapha. Abantu labo badutshulwa bafa, enye ingxenye yemali yatholakala kubona. Sengibuya emsebenzini nami ngagwazwa ngabanye ekhumbini engabe ngikuyo ngashona. Ngenxa yokuthi inhliziyo yami yayilokhu ikule mali umoya wami awukwazanga ukwedlulela endaweni yokuphumula.
'Engikucela kuwe-ke Roy ukuba le mali uyithathe, uyisebenzise ngendlela enenzuzo ungakhele umuzi oyisitezi lapho uyongikhumbula khona njalo kanye ngonyaka njengomakoti wakho. Nami ngiyolokhu ngikuvakashela njalo.'
'Umama wakho ngimtshele ngithini? Noma ngimnikeze naye le mali?'
'Qha, umama ungamnikezi lutho ngoba bengithi uma ngifika kuye ngizomtshela ngale mali angixoshe. Le mali ngeyakho kuphela njengomkhwenyana wami.

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.2.1	Wayeyaphi uRebecca ngesikhathi evelelwa yingozi?	(1)
7.2.2	Yini eyatholwa nguRoy ngesikhathi eqhwanda emhlabathini?	(1)
7.2.3	Yini eyayizonikeza uRebecca ukuphumula ngokwalesi siqeshana?	(1)
7.2.4	Fingqa kafishane izigameko ezaholela ekutheni uRoy athole ibhantshi lakhe ethuneni. Bhala amaphuzu AMATHATHU.	(3)
7.2.5	Chaza ngesingeniso sale ndaba emfishane. Bhala amaphuzu AMABILI.	(2)
7.2.6	Ucabanga ukuthi yimuphi umyalezo umbhali awedlulisela emphakathini ngesigameko sikaRebecca kule ndaba?	(2)
7.2.7	Shono ukuthi ngubani umlingiswa oqavile/omkhulu kule ndaba bese wesekela ngephuzu ELILODWA.	(2)
7.2.8	Umbhali ukwazile yini ukulandela umgomo wokuqoqeka kwendawo kule ndaba emfishane?	(2)
7.2.9	Ngokucabanga kwakho kuyisenzo esincomekayo yini esikhathini samanje ukuthi insizwa iganwe ngenhloso yokuthi umakoti azosiza umamezala? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU.	(3)
	AMAMAKI ESIQEPHU C:	**35**

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2.

UMBUZO 8

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Phansi – LMMS Madondo

1 Umhlaba ungumhlaba ngokuhlaba
2 Uwuhloniphe uwukhonze uyakukuhlonipha
3 Ubazonda kabi abazazi ukuhlakanipha.
4 Lunye kuwo uhambo
5 Impinda ayikho.
6 Sinye kuwo isikhathi
7 Sifushane asenele
8 Ubupigogo nobusakabuli buyaqedwa
9 Bushazwe yizangqotho nemishazo yomhlaba
10 Omahlalothini abantengenyekayo ntengentenge
11 Bawe bhu bahuhuluze okwamahobosha
12 Abaqhwakazela phezul' onontandakubukwa
13 Baphenduk' izinqibi kugayingane imilomo
14 Osemuva limshwibe shwi limbeke phambili
15 Ngentobeko yobuphansi okwezintuthwane
16 Ubephansi nangenzolo ezothile yobuntu.

8.1.1 Yiliphi igama elisemgqeni woku-1 elikhombisa ukuthi akulula ukuphila emhlabeni? (1)

8.1.2 Shono isifenqo esitholakala emgqeni wesi-3. (2)

8.1.3 Bhala umugqa wesi-6 nowesi-7, udwebele izinhlamvu eziletha imvumelwano bese usho ukuthi luhlobo luni lwayo. (2)

8.1.4 Bhala umugqa osenkondlweni oqukethe incazelo yokuthi akufuneki ukuziqhenya nokuziphakamisa uma uphila emhlabeni. (2)

8.1.5 Tomula izenzukuthi EZIMBILI ezinencazelo/umqondo wokunyakaza kule nkondlo. (2)

8.1.6 Xoxa ngamaphuzu AMABILI okushiwo imbongi ngokucashile emigqeni we-12 kuya kowe-14. (2)

8.1.7 Siyanensa noma siyashesha yini isigqi sale nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)

8.1.8 Funda umugqa we-15 nowe-16, bese usho ukuthi yimuphi ovulekile nesizathu salokho. (2)

8.1.9 Uyavumelana yini nokuthi imbongi iphumelele ukwedlulisa umyalezo wayo ngale nkondlo? Bhala umyalezo bese uwuchaza ngephuzu ELILODWA. (3)

KANYE

Downloaded from Stanmorephysics.com

8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Kuyosala Izibongo – T Qwabe

1 Wayengathethi manga okaNdaba
2 Ngesikhathi ethi ziyofa izinsizwa kusale izibongo.
3 Kulamathafa ezwe lethu kwake kwaphila izinsizwa,
4 Ezazigijima mzila munye nezinyoka ezibulalayo,
5 Zibhukuda mfula munye nezingwenya ezibulalayo,
6 Zibanga amaqele namabhubesi abulalayo,
7 Zidwanguza amahlathi nezingwe ezibulalayo.

8 Ekuhambeni kwami nginqamula izwe lakithi,
9 Ngibona inhlaba imile ngezinyawo ihlobile,
10 Namatsh**e** **e**l**e** ng**e**zisu **e**landa **e**zas**e**ndulo,
11 Notshani kukhwele ngezidindi kukhinindelana ezasendulo,
12 Kuyaye kube sengathi ngamehlo ami,
13 Ngibona amaqhawe akithi evunule ngamabheshu,
14 Ezandleni ebambe amahawu amaqhabanga namaklwa,
15 **Ezinyaweni embethe ukushesha okungathi okombani,**
16 **Esho ingoma yempi esenukelwa yigazi,**
17 Edinwe evevezela okweminyovu ngokudlokodlwa ehlweni.

18 Ngiwabona ethi shalushalu,
19 Egane unwabu ngifung', uNonhlanhla kababa,
20 Elwa engakhokhi moya noma seyaphela impi,
21 Elwa ngemimoya ekhathazekile ngoba engagezwanga,
22 Futhi kungekho namunye owathi shwele.

8.2.1 Yiliphi igama elisemgqeni woku-1 elisho ukukhuluma? (1)

8.2.2 Esitanzeni soku-1 tomula imigqa EMIBILI enokuxhumana maphakathi bese udwebela amagama akhombisa ukuxhumana. (2)

8.2.3 Bhala imigqa EMIBILI esesitanzeni soku-1 esho ukuthi lezi zinsizwa zazinesibindi. (2)

8.2.4 Yisho uhlobo lwefanamsindo olutshengiswe emgqeni we-10. (1)

8.2.5 Bhala OKUKODWA okungakhulumi okwabonwa yimbongi esitanzeni sesi-2. Yisho ukuthi yini engajwayelekile okwakuyenza. (2)

8.2.6 Bhala izinzwa EZIMBILI eziqukethwe yilo mugqa otonyulwe enkondlweni:

'Esho ingoma yempi esenukelwa yigazi**.'** (2)

8.2.7 Ichazani imbongi ngesimo sokukhuluma esisemgqeni we-15 kule nkondlo? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

8.2.8 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Igama elithi **shalushalu** lisho ...

A ukuthathela ngejubane.
B ukudinwa kakhulu.
C ukuhamba kancane.
D ukwedlula ushesha. (1)

8.2.9 Imbongi iyazwelana nesimo esavelela lezi zinsizwa ekhuluma ngazo. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI ubhekise esitanzeni sokugcina. (2)

8.2.10 Ngokubona kwakho kuhle yini ukuthi imbongi income abesilisa kuphela kule nkondlo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70

Downloaded from Stanmorephysics.com

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2019

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 70

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi angama-28.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA:

- Ohlolwayo akufanele aphendule imibuzo engaphezulu kowodwa ngohlobo olufanayo lombhalo.
- Uma umfundi enikeze izimpendulo ezimbili, maka eyokuqala bese ungayinaki elandelayo.
- Uma izinombolo zezimpendulo zingahleliwe ngendlela efanele, maka ngokwememo.
- Uma iphutha lesipelingi liphazamisa umqondo, ayingamukelwa leyo mpendulo. Uma lingawuphazamisi umqondo, ayamukelwe impendulo.
- Uma ohlolwayo engabasebenzisi onokucaphuna lapho kuthiwe akacaphune khona, ungamjezisi ngalokho.
- Emibuzweni evulekile, akunganikwa mamaki ngoYEBO/CHA noma NGIYAVUMA/ ANGIVUMI. Kanjalo futhi akukho mamaki okumele anikezwe ngoYIQINISO/ AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Kumele kugxilwe kulokhu okwesekelwa ngakho impendulo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU A: INOVELI

UMBUZO 1: ITHEMBA LAMI – LF Mathenjwa

ISIQESHANA A

1.1 UNokulindela.√ (1)

1.2 KwaMbeje√/emzini kaNonkamfela √/eMacekane √/eMpangeni√ (1)

1.3 Wesaba ukuthi uzojeziswa abomthetho√√/uzoboshwa uma eziphindiselela koZabalaza.√√ (2)

1.4 OKUKODWA kwalokhu:
- Into ababenovalo ngayo ukuthi babengazi ukuthi njengoba izinhliziyo zazisebomvu nje koZabalaza kwakungahle kwenzekeni. √√/
- Babenovalo lokuthi oZabalaza bangase bazame ukumbulala uNokulindela.√√ (2)

1.5 Leli gama lichaza isijeziso esisemthethweni esinikezwa umuntu owenze icala√ njengoba kwenzeka kuZabalaza, uNomgedla kanye noJiyane ngecala lokuthakatha uNokulindela. √ (2)

1.6 OKUKODWA kwalokhu:
- Babehlobene noZabalaza ngakho-ke wayezamela isihlobo sakhe segazi. √√/
- Wayengahlobene nakancane noSandanezwe ngakho-ke wayengenalo uzwelo ngesimo ayezobhekana naso sokulahlekelwa yingoduso yakhe.√√ (2)

1.7 C√/Iyakhohlakala.√ (1)

1.8 **Izenzo ezinhle**:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Uyinyanga edumile ngokusiza izindimbane zabantu abagulayo.√/
- Welapha uNokulindela.√

Izenzo ezimbi:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wacwiya isitho sangasese somuntu wesifazane owabe egingqike nebhasi.√/
- Akamtshelanga uSandanezwe iqiniso lokuthi isifo esabe simphethe siyamehlula.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.9 1.9.1 Ukugula kukaSandanezwe kungaqondakali ukuthi uphethwe yisiphi isifo okwenza ukuba ahambe kubantu abahlukene nasezibhedlela ezama ukuthola usizo.√√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.9.2 Izigameko ezikule noveli ziyakholakala ngoba ikhuluma ngezinto ezingenzeka empilweni yangempela.
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Isigameko sokugula sikaSandanezwe siyakholakala√ ngoba siyinto engenzeka empilweni yangempela, baningi abantu abaguliswa izifo ezingalapheki emiphakathini yethu.√/
- Isigameko lapho uZabalaza eshela khona ingoduso kaSandanezwe siyakholeka√ ngoba intombi iyeshelwa uma ingakagcagci.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.10 Isimo sakhe sempilo sasizoba ngcono:
- Esibhedlela babezomnika imishanguzo yokudambisa isifo sengculazi.√/
- Babezomnika izeluleko mayelana nohlobo lokudla okumele aludle ukuze isimo sakhe sempilo sisimame.√/
- Wayezokwazi ukuqhubeka nokusebenza ngoba baningi abantu abanalesi sifo kodwa abaphila impilo eyejwayelekile.√/
- Ubengeke achithe imali yakhe ngokuya ezinyangeni√/
- Ubengeke athole ukugxekwa ngoZabalaza. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

KANYE

ISIQESHANA B

1.11 uMkhumane.√ (1)

1.12 Wahlaba inkomo.√ (1)

1.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayesaba ukuthi ukuzisondeza kakhulu nengoduso yakhe kuzobafaka esilingweni sokuhlangana ngokocansi bese itheleleka ngalesi sifo esabe simphethe.√√/
- Wayenenkolelo yokuthi ukuzisondeza kakhulu kuNokulindela kuzophazamisa imizamo yokumelapha.√√ (2)

1.14. Izimpendulo ziyokwehluka. OKUKODWA kwalokhu:

Alukho ngoba akukho kuthemeleza emva kovuthondaba. Akucaci ukuthi kwenzekani emveni kokudlanga kokufa kuSandanezwe.√√

NOMA

Kungenzeka ukuthi lukhona kepha akucaci ngoba indaba ayiphelele.√√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UNokulindela uthembekile ngoba kwathi noma eshelwa uZabalaza wamtshela ukuthi yena unalo isoka. √√/
- Ngesikhathi uSandanezwe eya enyangeni akamtshelanga uNokulindela futhi wayengambhaleli nezincwadi zokummisa isibindi kepha yize kunjalo waqhubeka nokuthembeka kuye. √√/
- Kwathi noma uNokulindela esezwile ukuthi isoka lakhe liyagula yena wabekezela wathi uyolilinda lize libuye enyangeni lapho lalelashwa khona.√√/
- Wathi noma sekuthiwa sebesele noZabalaza emhlabeni ngeke yena amthanda ngoba unesoka lakhe alithandayo.√√/
- UNokulindela wakhombisa ukuthi ulithanda ebuhleni nasebubini isoka lakhe.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.16 Ngiyavumelana ngoba uSandanezwe welashwa ngodokotela esibhedlela nezinyanga oNonkamfela noMbuyisa kodwa wagcina engasindanga. √√ (2)

1.17 Ubudlelwane babo buhle kakhulu√ ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Bayizihlobo zegazi ezihlanganiswe yinkaba.√/
- UZondiwe wayesebenza noSandanezwe futhi uyena owameluleka ngokuthi aye esibhedlela ayozihlola isimo sakhe sempilo.√/
- Ngesikhathi ethole izinsukwana zekhefu emsebenzini uZondiwe wanikela kwamalume wakhe ukuba ayozwa ukuthi ngabe isimo sempilo sesinjani kuSandanezwe.√/
- Kwamphatha kabi kakhulu uZondiwe ukuzwa ukuthi umzala wakhe weqa esibhedlela waya enyangeni.√/
- Ngesikhathi kugula uNokulindela, uSandanezwe wacela umzala wakhe uZondiwe ukuthi amphelezele bahambise ingoduso yakhe enyangeni enguNonkamfela.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

1.18 Yebo ulisebenzise ngempumelelo:

- Umbhali usethulela/usivezela uMaZikalala ngezenzo zakhe ezenza sibone ukuthi uluhlobo luni lomuntu. Endabeni siyathola ukuthi kwathi noma ebona indodakazi yakhe ingancibilikile kahle waqala wathula wabekezela ngoba wayengelona ithatha.√/
- Umbhali uphinde wasethulela/wasivezela uMaZikalala ngenkulumo yakhe lapho exoxisana khona nendodakazi yakhe eyeluleka ukuba ingahlukani noSandanezwe ngenxa yezinkulumo zikaZabalaza. Lokhu kukhombisa ukuthi ungumumtu oyinakekelayo indodakazi yakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)
[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 2: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu

ISIQESHANA C

2.1 Umfowabo uDoda kanye nezinye izinsizwa zangakubo. √ (1)

2.2 Ngesikhathi samaholidi kaKhisimuzi. √/ngoDisemba.√ (1)

2.3 Kwakumele athenge izinkomo zokulobola ingoduso yakhe.√√ (2)

2.4 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Izinsizwa zazisebenzisa ukungcweka njengento ezingayisebenzisa ukuziveza ezintombini ukuze zizakhele ugazi.√√/
- Izintombi zazikuthokozela ukubuka lo mdlalo ngakho-ke izinsizwa zazithola ithuba lokudlisela ezintombini ngawo.√√ (2)

2.5 Leli gama lichaza ukwenanela into enhle okukhonjiswa yizintombi ngokudlalisa izwi.√ Izintombi zazikikiza uma izinsizwa zishaya induku.√ (2)

2.6 UManyoba wayengasasebenzi esephelelwe amandla okuzondla. Amadodana akhe abona kuzoba ngcono ukubondla behleli emizini yawo, ngakho-ke anquma ukwehlukaniselana ngabo, uMaNdlovu wahlala emzini kaFanyana kwathi uMchunu wahlala noMjwayeli. Babenenhloso yokushintshana ngabo njalo emva kwezinyangana ezimbalwa.√√ (2)

2.7 B√/Ziyaqhudelana√ (1)

2.8 **Izenzo ezinhle**:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wagcina esenobudlelwane obuhle nogogo wakhe ngoba esebonile ukuthi umtshela amaqiniso ngendlela okumele aziphathe ngayo.√/
- Wayesezilalela izeluleko zikagogo wakhe.√/
- Wasola abazali bakhe wabatshela emehlweni ukuthi abanayo indlela yokukhulisa intombazane. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

Izenzo ezimbi:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UThembalihle wabikela umama wakhe ukuthi ugogo wakhe uyamhlupha ngokumshumayeza ngokuziphatha kahle .√/
- Wayehamba ebusuku aze abuye entathakusa. √/
- Wayengaceli futhi engabazisi abazali bakhe uma ezohamba lezi zindlela zakhe.√/
- Wayevumela ukuthi isoka lakhe elihamba ngemoto limlethe lize liyomehlisa esangweni kubo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.9 2.9.1 Ukweqa kukaManyoba epulazini yikhona okwasusa inkinga.√√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.9.2 Izigameko ezikule noveli ziyakholakala ngoba zikhuluma ngezinto ezingenzeka empilweni, njengokuthi izingane zilahle abazali bazo uma sebegugile ngempela.
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Izigameko zokuhlupheka kukaManyoba ngesikhathi esebenza epulazini engaholi ziyakholakala√ ngoba le indlela ababephathwa ngayo abantu emapulazini ngezikhathi zakudala.√/
- Isenzo sikaMaNene sokuhlukumeza umamezala wakhe siyinto engenzeka√ ngoba kusukela kudala kuze kube yimanje abanye omakoti bayabahlukumeza omamezala.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.10 Impilo yakhe yayizoba nzima ngoba:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Wayengeke abe nemali eyanele yokulobola uNtombi, eyokondla umndeni wakhe, ukufundisa izingane zakhe kanye nokuzakhela umuzi wakhe.√/
- Wayezophila ngokuhlukumezeka epulazini kanti nezingane zakhe zazingeke zibe nekusasa eliqhakazile.√/
- Wayengeke alithole ithuba lokufunda esikoleni sasebusuku kanye nokufundela ukushayela.√/
- Wayezoba yisehluleki impilo yakhe yonke angakwazi ukuzithuthukisa.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

KANYE

ISIQESHANA D

2.11 uMchunu.√ (1)

2.12 UMaNene wayebiza uninazala wakhe ngenuku esikhundleni sokumwashela, emncisha nokudla.√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (1)

2.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Yayingabafuni emzini wayo ngoba icasulwa yisenzo sabo sokuhlukumeza uManyoba esezigugele.√√/
- Le ndoda yayingahambisani nesenzo sabo sokuncisha uManyoba ukudla.√√ (2)

2.14 Izimpendulo ziyokwehluka. OKUKODWA kwalokhu:

Likhona ngoba incazelo yokuthi ifa lakhe uManyoba walaba kanjani izwakala isingukuthemeleza ngemuva kovuthondaba.√√

NOMA

Alikho ngoba akucaci ukuthi impilo iqhubeka kanjani ezinganeni zakhe ngemuva kokwabiwa kwefa.√√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayesebenza emajalidini ngesikhathi eseyintombi engakashadi noManyoba.√√/
- Wayelusa izinkomo.√√/
- Wayekade elima odedangendlale bamasimu.√√/
- Wayesika izidwaba azidayise emholweni wezalukwazi.√√ (2)

2.16 Izimpendulo ziyokwehluka
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Ngiyavumelana ngoba ...
- Ziningi izinkinga abhekana nazo esakhula, esesebenza nalapho esenomndeni. Akalilahli nokho ithemba. √√/
- Nalapho esegugile eselahlwa yizingane zakhe ulokhu ebambelele ethembeni njalo nje futhi ugcina ephumelele.√√

NOMA

Angivumelani ngoba ...
- Wabekezela esebenza kanzima efundisa izingane zakhe ngoba ekholelwa ukuthi ziyoba usizo kuye uma esephelelwe ngamandla okuzisebenzela. √√/
- Ukubekezela kwakhe akubanga nomphumela othokozisayo ngoba impilo yakhe yaze yashintsha emva kokuba ewine ilotho, okuyinto engahlanganise lutho nokubekezela kwakhe. √√ (2)

2.17 Ubudlelwane babo babububi√ ngoba:
OKUBILI kwalokhu:
- Umakoti kaMjwayeli wayengamwasheli ubabezala wakhe izimpahla zokugqoka.√/
- Umakoti kaMjwayeli wayemncisha ukudla uManyoba lokho kwadala ukuthi aze anciphe nasemzimbeni.√/
- UManyoba wayenganikwa ngisho insimbi yokulula izingubo ukuze azilulele ngokwakhe izimpahla zakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

2.18 Yebo ulisebenzise ngempumelelo:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umbhali usethulela/usivezela uNgobese ngezenzo zakhe ezenza sibone ukuthi uluhlobo luni lomuntu. Kule noveli uNgobese uqinisa uManyoba idolo ngesikhathi behambisana beya ehhovisi likaNdabazabantu.√/
- Umbhali uphinde wasethulela/wasivezela uNgobese ngenkulumo yakhe lapho exoxisana khona noManyoba. Endabeni siyathola ukuthi kwathi emva kokuba uManyoba ekhushulelwe esikhundleni esingconywana induna yameluleka ngokuthi aqaphele ngoba usezoba nezitha lapha efemini. Lokhu kuyasikhombisa ukuthi uNgobese ungumuntu oyikhathalelayo inhlalakahle yabasebenzi bakule femu.√/
- Isu lesithathu umbhali alisebenzisile yilelo lokuthi uNgobese simuzwe echazwa ngabanye abalingiswa. Lokhu okushiwo ngabanye abantu ngaye kusinika isithombe esicacile sokuthi uNgobese ungumuntu onjani.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)
[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 3

UMSHADO – N Zulu

ISIQESHANA E

3.1 Umama kaBhekani.√ (1)

3.2 Kubo kaBhekani egunjini lakhe lokulala.√ (1)

3.3 Izimpahla zakhe zasha zonke kuwadilophu kwasala lokhu kokuzilengisa kuphela.√√/Ukuthi unina ufuna ashise impepho ukuze axolise kuyihlo.√√ (2)

3.4 Akazange amthole unkosikazi okwathiwa akamfune ozomgana, uthandana nomfelokazi osazilile.√√ (2)

3.5 Leli gama lichaza ukuthetha.√ Izenzo zikaBhekani zazimcasula kakhulu umama wakhe. Uyehluleka ukuthola unkosikazi ohloniphekile ukuba azomgana, uthandana nomfelokazi futhi uyenqaba ukushisa impepho axolise kubaba wakhe. Zonke lezi zinto zenza ukuthi umama kaBhekani agcine esemthethisa.√ (2)

3.6 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Imvelaphi kaTholakele abayazi kanti noBhekani kuncane akwaziyo ngalo muntu wesifazane afuna ukumshada.√√/
- UTholakele ungumfelokazi osazilile.√√/
- Wayengathandi ukuzifaka ezintweni eziyinsambatheka.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.7 B√/Samshiya emangele.√ (1)

3.8 **Izenzo ezinhle**:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayekwazi ukuxolisa uma enze iphutha.√/
- Wayephathela umama kaBhekani izipho uma evakashele kubo kaBheki.√/
- Wayekwazi ukuxolela ngoba waxolela uBheki emva kokuba emlaxazile ekhulelwe ingane yakhe.√/
- Wafunda waze waba nguthisha.√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

Izenzo ezimbi:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayelova esikoleni aqhethe kubo kaBhekani.√/
- Wayezifikela kubo kaBhekani ngaphandle kokumenywa noma ukucelwa.√/
- Wakhulelwa engashadile√/
- Waya ocansini olungaphephile.√/
- Walingeka washiya uBhekani.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.9 3.9.1 Isisusa sodweshu kwakuyinkinga yephupho likaBhekani, ephupha uyise embuza ukuthi uganwa nini. √√/ (2)

3.9.2 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Izigameko ezikule noveli ziyakholakala ngoba zikhuluma ngezinto ezingenzeka empilweni yangempela.
- Izigameko zokuhlupheka kukaBhekani ngesikhathi esethandana noTholakele eshaywa ngabantu angabazi√ ngoba uze axabane nonina, agcine engasathandeki kothisha afundisa nabo. Konke lokhu kuyizigameko ezingenzeka empilweni yansuku zonke.√/
- Isenzo sikaZenze sokuqola uBhekani imali singenzeka empilweni yangempela√ njengoba oTholakele noZenze bathatha yonke imali yelobolo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.10 Imibono iyokwehluka.
Abathi impilo yakhe yayiyoba yinhle bayothi:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Wayengeke angene ebugebengwini bokudayisa izidakamizwa.√/
- Wayezokugwema ukusebenzisa izidakamizwa kanye nokuboshwa.√/
- Wayezohlala kahle nabantu basemzini bamnikeze lonke usizo aludingayo.√/
- Wayezoba ngunkosikazi wasemakhaya ohloniphekile ongalandelwa ngamahlazo.√/

NOMA

Abathi impilo yakhe yayiyoba yimbi bayothi:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Wayengeke akuthokozele ukwenziswa into angahambisani nayo.√/
- Babengeke bahlalisane kahle noBhatomu ngoba umshado wabo wawungeke ube nesisekelo sothando.√/
- UBhatomu ungumuntu onodlame, wayengagcina esemhlukumeza uTholakele.√/
- Kwakungeke kube umqondo ophusile ukuba avume ukuphucwa ilungelo lakhe lokuzikhethela okumele akwenze emva kokushonelwa umyeni wakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

KANYE

ISIQESHANA F

3.11 Owesifazane othandana noBhekani.√/Umama wengane kaBhekani.√ (1)

3.12 Wabona amakopi otshwala engasenalutho.√ (1)

3.13 UTholakele nabangani bakhe babekade beshisa izidakamizwa ukuze zincibilike bese bezijova ngazo/babekade bebhema izidakamiswa.√√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.14 Izimpendulo ziyokwehluka. OKUKODWA kwalokhu:

Likhona ngoba isigameko sokuxolelwa kukaBhekani nguLindiwe sizwakala singukuthemeleza emva kovuthondaba.√√

NOMA

Alikho ngoba akuqondakali ukuthi impilo yaqhubeka kanjani kuBhekani emva kokubhuntsha komshado ikakhulukazi ebudlelwaneni nomndeni wakhe. √√ (2)

3.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wayengathandi ukuthi ingane yakhe ibe sehlazweni lokuthandana nomfelokazi osazilile.√√/
- Wayefuna ukuthi ingane yakhe ishade nomuntu ofundile futhi osezingeni layo.√√/
- Wayemxwayisa ngengozi engamvelela uma engalandeli imiyalelo kababa wakhe osewashona.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.16 Izimpendulo ziyokwehluka. OKUKODWA kwalokhu:

Ngiyavumelana ngoba ...

- UBhekani wayeseqale ukungazwani nonina okuyinto eyayingakaze yenzeke phambilini ngenxa yokuthi wayengalaleli uma unina emxwayisa ngoTholakele.√√/
- UBhekani wayehlulwa uthando lukaTholakele bese engamlalelisisi noSifiso uma emeluleka ngokuthi akambhekisise kuqala lo Tholakele ngaphambi kokuthatha izinqumo ezibalulekile ngaye.√√/
- UBhekani waba budedengu nemali ngokuthi ajahe ukulobola uTholakele kubantu angazange abhekisise ukuthi bangamalunga omndeni wakhe ngempela yini.√√
- Kwathi noma esezibonele ngokwakhe izinto ezimbi ezenziwa nguTholakele kepha waqhubeka nokumlobola.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

NOMA

Angivumelani ngoba ...

- UBhekani wayelawulwa yinkanuko hhayi uthando.√√/
- Wayenengcindezi yephupho likayise ayefuna ukuthi ashade ngokushesha.√√/
- Isimo uBhekani azithola esengene kusona asidalwanga uthando kepha ubuthakathaka bakhe bokungakwazi ukuzimela uma exoxisana noTholakele.√√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.17 Ubudlelwane babakhelwe phezu kwesisekelo sobugebengu√ ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Banebhizinisi elingekho emthethweni lokudayisa izidakamizwa. √/
- Baqola uBhekani imali yakhe, uZenze wathatha imali yelobolo wayozidlela yena. √/
- UZenze wafika kubo kaBhekani waqamba amanga wathi abakubo kamakoti bayakhala bathi imali yelobola yincane ngakho-ke kumele anezelele ngezinkulungwane ezimbili . √/
- Baboshwa kanyekanye ngosuku lomshado. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

3.18 **Yebo ulisebenzise ngempumelelo**:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Umbhali usethulela/usivezela uTholakele ngezenzo zakhe ezenza sibone ukuthi uluhlobo luni lomuntu. Kule noveli uTholakele uyenga uBhekani. UTholakele ukhombisa ukumthambela, lokhu kumnika ithemba lokuthi noma kanjani bazogcina sebethandana nale ntokazi.√/
- Umbhali uphinde wasethulela/wasivezela uTholakele ngenkulumo yakhe lapho exoxisana khona noBhekani. Endabeni siyathola uTholakele etshela uBheki ukuthi uma efuna baxoxe kahle kungcono afike endlini lapho ehlala khona. Lokhu kuyasikhombisa ukuthi uTholakele ungumuntu wesifazane onesimilo esixegayo.√/
- UTholakele simuzwe echazwa ngabanye abalingiswa abanjengoSifiso, abantu ababonayo kanye nabantu bomphakathi abamazi kahle nemikhuba ayenzayo noPamella.√/
- Indlela ayegqoka ngayo yayikhombisa ukuba nesimilo esingesihle. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU B: UMDLALO

UMBUZO 4: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi

ISIQESHANA G

4.1 Uhlelo lokulethwa kwentuthuko endaweni.√ (1)

4.2 NguDuma√ (1)

4.3 NguMbandlwa.√ Ukhuthaza uDuma ukuba angayihloniphi inkosi.√ (2)

4.4 Uthi kuyosuke kube sengathi akawuhloniphi umbuso, uphikisana nezinqumo zikaHulumeni.√√ (2)

4.5 A√/Usudale izinkinga√ (1)

4.6
- UMaShezi nguyena owaqala ukubonisa umyeni wakhe ukuthi kumele azehlise enkosini.√/
- Waduba wahamba waya kubo ngesikhathi umyeni wakhe engavumi ukuya enkosini kade ithumele isigijimi ukuthi simbize bazoxoxa.√ (2)

4.7 Ihaba√ (1)

4.8
- ahebeze ngezandla√
- anikine ikhanda√ (2)

4.9 **Ngangingayeluleka ngokuthi** …
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Mayingavumi ukuqophisana noDuma ukuze singehli isithunzi sayo.√/
- Kumele itshele uDuma ukuthi yena akangene kwezombusazwe ubhekele inhlalakahle yomphakathi kuphela.√/
- Mayixoxisane noDuma izwe ukuthi yona-ke njengenkosi yiliphi iqhaza engalibamba ekulethweni kwentuthuko.√/
- Uma kukhona izinhlelo kumele nayo njengenkosi ibe nombono ngoba yona yengamele isizwe sonke ayihambisani neqembu lezombusazwe.√/
- Mayingalaleli induna yayo uDlamini ngoba uyayidukisa.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

4.10 Yisenzo sikaDuma sokubiza umhlangano womphakathi ngaphandle kokuxoxisana nenkosi uShandu.√√ (2)

4.11 OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:
- UMazongolo ungumfundisi wasendaweni ogqugquzela uxolo.√√/
- Uyena owayengusihlalo womhlangano woxolo futhi owafunda incwadi eyayinomyalezo owawuphuma enkosini wokuthi abantu abaxolelane.√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.12 Lo mdlalo wenzeka endaweni yasemakhaya ngoba:√
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Indawo okusabusa kakhulu inkosi nezinduna kuyona. √/
- Abantu basancike kakhulu emfuyweni yabo. √/
- Amaleyithi awakhokhelwa.√/
- Kusaliwa ngezinduku uma kunengxabano.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

KANYE

ISIQESHANA H

4.13 Abantu ababezwelana nenkosi.√ (1)

4.14
- Wafika uDlamini ehamba nequlu lamadoda ayehamba esho iziqubulo besabisa oDuma.√/
- Wangena ekilasini okubanjelwe kulo umhlangano washaya uMbandlwa ngenduku ekhanda.√/
- UMbandlwa wamvulela icala wayesevalelwa ngamaphoyisa.√ (3)

4.15 4.15.1 B√/Usola uDuma ngokungahloniphi inkosi√

4.15.2 A√/Ummeleli kulo mdlalo√

4.15.3 D√/Unogada wenkosi √

4.15.4 C√/Ummeli√ (4)

4.16 **Imibono iyokwehluka**.
Abazwelana naye bayothi ...
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Inkosi isebenzisa amandla ayo ngendlela engafanele ekubeni sekunombuso wentando yeningi.√/
- Udlame olukhona endaweni aluqalwanga uDuma. Yena wayefuna ukuletha intuthuko endaweni.√/
- UDuma wayezithola engaphansi kwengcindezi yokusatshiswa abalandeli benkosi.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)

NOMA

Abangazwelani naye bayothi ...
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ayezoba mancane amathuba okuthi kuchitheke igazi kule ndawo, kubulawe abantu ukuba uDuma wayengenayo inkani.√/
- Wayedelela inkosi futhi eseyibukela phansi.√/
- Wayengasafuni ukuthathisa enkosini uma enza izinto njengokubiza imihlangano yona ingaziswanga.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.17 **Imibono iyokwehluka.**

Abavumayo bayothi ...

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UDlamini uzibona enesikhundla esibaluleke kakhulu sokusondelana nenkosi njengoba eyinduna yayo. Akakwamukeli ukuphatha ngokuhlanganyela nabantu abakhethwe ngentando yeningi.√/
- UMbandlwa uyibukela phansi inkosi noDlamini njengoba esenesikhundla sokusebenzisana nekhansela. Akasenandaba nokubuswa ngendlela yendabuko.√/
- UMbandlwa usebiza inkosi ngenkosana, okuyisenzo esikhombisa ukwedelela.√/
- UDlamini akawahloniphi amalungelo abanye abantu okwenza izinto ngokukhululeka endaweni.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)

NOMA

Abaphikayo bayothi ...

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Isisusa sodweshu phakathi kwabo kwakungamagqubu ababenawo, bengafuni ukucabangela umphakathi.√/
- Umona wokufuna ukuba nezikhundla emphakathini, amandla kungabelwana ngawo.√/
- Ukungayiqondi intando yeningi ukuthi isebenza kanjani.√/
- Ukulalela kakhulu abantu ababadukisayo.√/
- Isenzo sabaholi sokuzicabangela bona kepha bangabacabangeli abantu ababaholayo.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

4.18 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UHulumeni kungadingeka aqale ngokufundisa umphakathi ngokubusa okusha.√/
- Lokhu kungenziwa ngokuthi kuhlanganiswe lezi zinhlaka kuqala ukuze bakubone ukubaluleka kokusebenzisana.√/
- Umsebenzi kumele wabiwe ngendlela ezokhombisa ukuthi ukuphumelela kwezinhlelo kulele ekubambisaneni kwabo.√/
- Intsha kungamele ifundiswe kabanzi ngezinguquko ukuze nayo ibe yingxenye yalokhu.√/
- Ukuba izinduna nazo ziholelwe imali njengamakhansela.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 5: ICALA KALIBOLI – VM Mbhele

ISIQESHANA I

5.1 Wayengumseshi.√ (1)

5.2 UToronto.√ (1)

5.3 Eyi-15/eyishumi nanhlanu.√ Washesha ukuphuma ngoba wathola isephulelo sesigwebo sakhe ngenxa yokuziphatha kahle.√ (2)

5.4 Wayefuna ukuthi amzamele/amkhulumele ukuze athole ibheyili.√√ (2)

5.5 C√/Uzovalelwa esitokisini.√ (1)

5.6 OKUBILI kwalokhu:
- USonto wafuna izigebengu ukuthi zibulale umkaMbhele khona kuzongena yena ezimalini.√/
- Kwathi noma uMthofi esemenzele umsebenzi wokubulala umkaMbhele, akazange esamnika imali ayemethembise yona ngomsebenzi wakhe.√/
- Wadubula umfundisi, ezama ukumbamba inkunzi.√/
- Wabulala uMbhele ngoba efuna ukuthola ifa.√ (2)

5.7 Umbuzo mbumbulu.√ (1)

5.8 OKUBILI kwalokhu:
- Amehlo agcwele izinyembezi√/
- Ekhala/√
- Ekhulumela phansi.√ (2)

5.9
- Ngangingathi akayiyeke indodakazi yakhe ibhadle ejele ngezenzo zayo ezimbi.√√/
- Ngangingathi akangayibambeli amagqubu indodakazi yakhe ngezenzo zayo ezimbi.√√/
- Ngangingathi akangawufaki umoya omubi kuZinhle ngokwenziwe ngumama wakhe kepha naye amxolele futhi abuye amhloniphe uma esephume ejele.√√/
- Ngangingathi akaye kummeli ayofuna imali ukuze aqhubeke afundise futhi ondle uZinhle.√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.10 Ukungakhokhi kukaSonto imali kaMthofi.√√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ungumakhelwane kaMbhele okwazi ukubona konke okwenzeka emzini kaMbhele.√√/
- Nguyena owatshela uMbhele zonke izinto ezenzekayo emzini wakhe uma esemsebenzini.√√/
- Nguye futhi uDlamini owabhebhethekisa inkinga kaSonto ngokuntshontsha imali ayeyifihlile.√√/
- Nguyena futhi owakhoselisa uMbhele noNtshangase emzini wakhe ngesikhathi belinde izigebengu ukuthi ziye emzini kaMbhele.√√ (2)

5.12 Lo mdlalo wenzeka endaweni yasedolobheni√ ngoba …
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UMbhele noSonto bahlala endaweni yaselokishini, okulula kuyona ukuhamba kalula ngezithuthi. √/
- UMbhele noDlamini bakhe ngokusondelana, behlukaniswe uthango. √/

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

KANYE

ISIQESHANA J

5.13 Wayezokhuluma ngezindaba zamafa omyeni wakhe.√ (1)

5.14

- UMbhele wadutshulwa nguMthofi benoToronto bethunywe nguSonto.√/
- Kwadingeka ukuthi bayishise imoto kaMbhele ukugqiba ubufakazi.√/
- Washa waba ngumlotha uMbhele.√/
- Izigebengu zamshisela emotweni.√/
- Yasha yaphela imoto.√/
- Akukho sizo olwatholakala lokucisha imoto. √ (3)

5.15 5.15.1 B√/Ukhonza noSonto√

5.15.2 D√/Wantshontsha imali √

5.15.3 A√/Ummeli√

5.15.4 C√/Ummeleli kulo mdlalo.√ (4)

5.16 **Imibono iyokwehluka**.
Abazwelana naye bayothi bayazwelana naye ngoba: ...
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Uzobhadla ejele isikhathi eside, angakwazi ukubona uZinhle ekhula.√/
- Uhlazekile endaweni nasebandleni. Ngeke besaphinde bamethembe noma bamemukele.√/
- Useyohlala enegama elibi impilo yakhe yonke.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)

NOMA

Downloaded from Stanmorephysics.com

Abangazwelani naye bayothi abazwelani naye ngoba ...
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Abesifazane abahlela ukubulawa kwabanye ngoba befuna ukubathathela abayeni babo, badinga ukujeziswa.√/
- Uyisibonelo esibi ngokuhlela ukubulawa komyeni wakhe ukuze athole ifa.√/
- Wayezicabangela ngomcebo ozoba ngowakhe yedwa.√/
- Kwavela obala ukuba ngumzenzisi ebandleni kanti ungumbulali.√.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.17 Izimpendulo ziyokwehluka:
Ngiyavumelana ngoba ...
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ubungozi bokuthanda imali ngokweqile kukaSonto kwamfaka enkingeni yokujwayelana nezigebengu ezagcina zimesabisa impilo yakhe yonke.√/
- UMbhele wathandana noSonto ebe eshade noMaNtuli. Lokhu kwenza uSonto abe nomona bese emgudluza uMaNtuli.√/
- UMbhele washintsha incwadi yefa engamtshelanga uSonto.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)

NOMA

Angivumelani ngoba ...

- Isimo senhlalo kulo mphakathi saba nesandla ezinkingeni ababenazo. Kulo mphakathi kwakukhona izigebengu ezithengwayo ukuba ziyobulala abanye abantu.√/
- Ubukhona bukaMthofi kulo mdlalo buyazibhebhethekisa izinkinga zabo.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)

(2)

5.18 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Abantu besilisa kumele baqinisekise ukuthi bathatha abantu ababaziyo ngokweqiniso, umuntu angaze athi uyaganwa kanti useganwa ngumuntu ofana noSonto.√/
- Abantu besilisa kumele bathembeke emakhosikazini abo njengoba uMbhele ayethandana noSonto ekhona uMaNtuli.√/
- Umthetho kumele uqine, isigwebo sibe nzima, obulele athole isigwebo esimfanele.√/
- Umthetho kumele ubavikele nabantu besilisa.√/
- Banamalungelo nabantu besilisa okufanele ahlonishwe.√/
- Abantu besilisa kumele babike emthethweni uma benezinsolo zokuthi impilo yabo isengcupheni.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)
[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 6: ISIKO NELUNGELO – N Zulu

ISIQESHANA K

6.1 Uzomzalela umqemane webhungu/Uzomtholela ingane yomfana.√ (1)

6.2 Ngubaba kaSkhumbuzo√/UZungu√/Ubaba kaDumisani√/Ubaba kaThabi√/ uManzini√ (1)

6.3 NguSipho.√ Washonela ejele.√ (2)

6.4 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wathi ufuna ukuqala phansi impilo kabusha.√√/
- Uphethwe yisizungu.√√/
- Akafuni ukuba yingane yakwaZungu.√√/
- Emcabangweni wakhe kwakukhona nesiko lokungenwa leli ayengahambisani nalo.√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

6.5 D√/Lumenze into ebuhlungu.√ (1)

6.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Babengafuni abuyele kubo emva kokushona komyeni wakhe.√/
- UThabi wathi basamthanda akangahambi.√/
- UManzini wayehlale encoma ukudla kwakhe.√/
- Bathi uma evuma ukungenwa nguDumisani bayowakhohlwa onke amaphutha awenza emzini kaZungu njengokufakela uDumisani ushevu etiyeni.√/
- UMaMbatha wayefuna ukufundiswa uThenjiwe ukuthunga ngakho-ke wathi akahlale. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

6.7 Ukwenzasamuntu.√ (1)

6.8
- Ukhuluma yedwa√
- Athule kancane√ (2)

6.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ngangingathi akazinike ithuba elanele ngaphambi kokuthatha isinqumo. √/
- Akakhulume nabomthetho uma engakuthandi okushiwo ngabakwaZungu.√/
- Akalilwele ilungelo lakhe lokuzikhethela.√/
- Akacele ukuyofuna umsebenzi ukuze akhokhele uMondise izinkomo zelobolo ayesezidlile noma abuyisele abakwaZungu izinkomo zabo.√/
- Makahlale ahloniphe ngokuthi alandele isiko.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

6.10 OKUKODWA kwalokhu:
- Ukufa kukaSikhumbuzo.√√/
- UThenjiwe wayephoqelela ukufuna ukubuyela ekhaya kubo.√√/
- Akavumi ukungenwa.√√ (2)

6.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UThabi nguyena oqala ukuxoxisana noThenjiwe ukuze sizwe ngokucatshangwa ngumndeni ngendaba kaThenjiwe.√√/
- Nguye futhi owelekelela uThenjiwe emisebenzini yasekhaya.√√/
- UDumisani ngabe washona ukuba uThabi akabonanga uThenjiwe efaka ubuthi/ushevu etiyeni likaDumisani.√√ (2)

6.12 Lo mdlalo wenzeka endaweni yasemakhaya.√
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Abantu basakholelwa kakhulu esikweni lokungenwa.√/
- UMondise ungumakhelwane okufakazelayo ukungenwa ngokwenza isibonelo ngomndeni okhona endaweni.√/
- Omakoti basalindeleke ukuthi baziphathe ngendlela ethile engakhombisi ukuthi nabo banamalungelo.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

KANYE

ISIQESHANA L

6.13 Bayelamana.√/Bazalwa ndawonye.√/Bangodade. √ (1)

6.14 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UThenjiwe wacabanga isu lokususa uDumisani, wayesethola ushevu.√/
- Wawufaka etiyeni ayelenzela uDumisani.√/
- UThabi wambona ngefasitela ngesikhathi enza lo mkhuba wayesemtshela umfowabo.√/
- UDumisani wayesethi akubizwe umndeni kuzokhulunywa.√ (3)

6.15 6.15.1 B√/Umngane kaThenjiwe√

6.15.2 D√/Ummeleli kulo mdlalo√

6.15.3 A√/USkhumbuzo√

6.15.4 C√/Umqhathi.√ (4)

Downloaded from Stanmorephysics.com

6.16 **Abazwelana naye bayothi** ...
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayezama ukulamulela uThenjiwe.√/
- Wathola isijeziso esingafanele.√/
- Abanye abantu babembona njengesigebengu okwakwenza ukuba angabe esahlonishwa endaweni.√/
- Icala lakhe alithethwanga ngendlela enobulungiswa.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)

NOMA

Abangazwelani naye bayothi ...
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Kwakufanele angazikhathazi ngezindaba zabantu ababili.√/
- Uyena owayephethe isikhali wagcina esesisebenzisa.√/
- Waqhubeka nokuxhumana noThenjiwe noma ayeseboshiwe.√/

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

6.17 **Ngiyavumelana ngoba** ...
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ubungozi bokungafuni ukulandela amasiko endawo ohlala kuyo kungakufaka enkingeni.√/
- UThenjiwe kwakungamele adelele abakwaZungu noma ngabe wayengahambisani naleli siko.√/
- Wazandisela izinkinga ngokungalaleli ubaba wakhe.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)

NOMA

Angivumelani ngoba ...
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UThenjiwe wayenelungelo lokuzikhethela umuntu amthandayo.√/
- UThenjiwe kwakungamele aphoqwe ukuthi enze izinto ezithandwa ngabantu bakule ndawo.√/
- Abantu babengawahloniphi amalungelo akhe nemizwa yakhe.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

6.18 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Kumele kwenziwe lokhu okulandelayo:
- Kubuyekezwe amasiko athile abonakala sengathi asephelelwe yisikhathi njengoba noZungu ake washo.√/
- Kukhuthazwe obaba bamantombazane ukuthi bangazicabangeli bona bodwa kodwa bacabangele namadodakazi abo, njengoba uMondise ayesenenkinga yokuphalaza izinkomo zakwaZungu.√/
- Kufundiswe umphakathi ngezifo ezithathelanayo ngoba abanye babulawa yizo, okungathi uma kuqhutshwa isiko lokungenwa kuqhubeke isifo kuze kuphele umndeni.√/
- Kukhuthazwe ukufundisa abantu ngokubaluleka kokulalelana.√/
- Izingane zamantombazane kumele zifundiswe ukuze zikwazi ukuzimela zingacindezelwa ngamasiko.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

AMAMAKI ESIQEPHU B: 35

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

UMBUZO 7

7.1 **Ingoduso – NE Mbesa**

ISIQESHANA M

7.1.1 Wayeyovakashela/Wayeyobona ingoduso yakhe uNokwazi.√ (1)

7.1.2 Kwakusebusuku.√ (1)

7.1.3 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- USipho wahamba emsebenzini esebonile ukuthi imali yasemsebenzini ibekwaphi. Ngelanga ayezontshontsha ngalo imali akekho owayesebenza, wavula ngokhiye ayesewebile.√√/
- Esephuma wabonwa unogada owamdubula nokho wabaleka nemali wayifihla, yikho ukulimala okwambambisa, wabanjwa, wagwetshwa waboshwa.√√ (2)

7.1.4 Wacasulwa ukuthi umshayeli …
OKUKODWA kwalokhu:
- Athi ngeke akwazi ukumwelisela esitobhini kwaChonco ekubeni wayesemkhokhele imali.√√/
- Umbuza ukuthi uma imoto yakhe isithathwa yizinswelaboya leli shumi lamarandi azomnika lona liyokwazi yini ukuthenga enye imoto entsha.√√ (2)

7.1.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UNgwane wathi wantshontsha imali lapho ayesebenza khona ngoba wayefuna ukuyoqedela ukulobola.√/
- UNgwane wayembiza ngomukhwe wakhe ubaba kaNokwazi.√/
- Uyasho futhi ukuthi wayesemehlisile esihlahleni wamqaqa namazinyo.√ (2)

7.1.6 Imibono iyokwehluka: OKUKODWA kwalokhu:

Yebo ufezekile ngoba le ndaba ikhuluma ngesigameko esisodwa kuphela esibandakanya uhambo lomxoxi wendaba esendleleni ebheke ekhweni lakhe ngenhloso yokuyobona ingoduso yakhe uNokwazi. Iphela ekuseni esezithola esemathuneni kade ehleli khona noNokwazi engazi ukuthi sewashona. √√

NOMA

Cha awufezekanga ngoba le ndaba ayinamathele esigamekweni esisodwa. Kuningi okunye okwenzekayo ngesikhathi esendleleni ephikelele ekhweni lakhe njengokukhokhiswa imali enkulu ngumshayeli wetekisi, indlela aboshwa ngayo nokunye. √√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.1.7 Yebo ukwazile. Inani labalingiswa kule ndaba aledlulile kwabalindeleke endabeni emfishane, bayisi-5 kuphela, umxoxi wendaba, uNokwazi, umukhwe (uGodide), uPhumlani kanye nomshayeli wetekisi.√√. (2)

7.1.8 Imibono iyokwehluka: OKUKODWA kwalokhu:

Yebo siyahambisana kakhulu. Indaba ikhuluma ngoNgwane owayeyobona ingoduso yakhe ayeyigcine eminyakeni emibili edlule.√√

NOMA

Cha asihambisani ngoba indaba ayikhulumi ngengoduso ngqo kepha iphathelene nohambo lukaNgwane nezinkinga ahlangabezana nazo endleleni eya ekhweni lakhe. √√ (2)

7.1.9
- Babeyoshada ngoba uSipho wayesazimisele ngoNokwazi.√
- Babezoba nomuzi wabo edolobheni bahlale nomntwana wabo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.1.10 Ngangiyomeluleka ngokuthi: Iphuzu ELILODWA kwalandelayo
- Akasamukele isimo sokuthi uNokwazi akasaphili lapha emhlabeni.√√/
- Akacele indodana yakhe ayozikhulisela yona ngendlela ethandwa nguye.√√/
- Akafune omunye umuntu azothandana naye.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

KANYE

7.2 **Imfihlo Kamakoti – MT Mkhize**

ISIQESHANA N

7.2.1 Wayegoduka esebuya emsebenzini.√ (1)

7.2.2 Wathola isikhwama sikaseyili esivaliwe esasinemali phakathi.√ (1)

7.2.3 Ukuba akwazi ukwedlulisela imali ayeyifihlile kumuntu othile osaphila ukuze kwambuleke imfihlo yakhe. √ (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.2.4 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- URoy wagibelisa uRebecca, owayesebenza elondolo, etekisini yakhe.√/
- Wabe esemphathisa ibhantshi lakhe ukuthi amfakele lona elondolo.√/
- Waye wayombeka ekhaya kubo ngalobo busuku.
- Wathi esethi uyolilanda ibhantshi lakhe, wafica uMaMkhwani owabe esethi abahambe ayomkhombisa lapho uRebecca ekhona.√/
- Wamyisa ethuneni likaRebecca eSeventini lapho uRoy afica ibhantshi lakhe lilenga khona ethuneni. √ (3)

7.2.5 Umbhali usibhale kahle isingeniso.
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Sifishane.√/
- Sisheshe simthole umlingiswa oqavile/omkhulu ukuthi nguRoy√/
- Nguye owayebhekene nenkinga yokuthatha umakoti kodwa engenayo imali.√/
- Siyashesha ukuthola isizinda sendaba: yenzeka endaweni esedolobheni.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

7.2.6 Umyalezo wobungozi bokuphila nezimfihlo ongazitsheli muntu njengoba uRebecca aba nemfihlo ngemali ayeyigqibile esaphila, yagcina seyimbangela inkinga eseshonile engasakutholi ukuphumula.√√
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

7.2.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
URoy ngoba ... √
- Nguye esimthola ekuqaleni kwendaba enenkinga yokufuna ukuganwa kepha entula imali, ize iyophela indaba.√/
- Zonke izigameko ezisendabeni zithinta yena.√/

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

7.2.8 Umgomo wokuqoqeka kwendawo okwenzeka kuyo indaba emfushane ufezekile kule ndaba. Konke kwenzeka eMlazi kuphelele khona lapho.√√
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.2.9 Izimpendulo ziyokwehluka.

Akuncomeki ngoba:

Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Abantu abashadile banamuhla bathanda ukuhlala bodwa.√/
- Abaningi abanayo indawo eyanele yokuhlala nomndeni omkhulu ohlanganisa umamezala.√/
- Isimo somnotho sibi esikhathini samanje, akuselula ukuthi umndeni uhlale wonke.√/
- Omakoti bamanje abakuthandi ukuhlala nomamezala ngoba omakoti bathanda ukuziphilela, nokugqoka izimpahla ngendlela evuma isikhathi samanje.√/
- Bayasebenza abanaso isikhathi sokugada abantu abadala ngoba bayizindleko. √

NOMA

Kuyancomeka ngoba:

Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Kuhle ukuthi izingane zibanakekele abazali bazo uma sebekhulile ngoba nabo abazali bazikhulisa.√/
- Kuhle ngoba kuqinisa ubuhlobo nobudlelwane emndenini.√/
- Omamezala bangasiza nokugada ikhaya nabazukulu.√/
- Bangakwazi ukuthi baxazulule izinkinga uma kuba nengxabano phakathi kwendodana yakhe nomakoti. √/
- Omamezala bangasiza nokweluleka abazukulu.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

UMBUZO 8

8.1 **Phansi – LMMS Madondo**

8.1.1 Ngokuhlaba √ (1)

8.1.2 Isenzasamuntu√√/ukwenzasamuntu.√√ (2)

8.1.3 **Si**nye kuwo isikhathi
Sifushane asenele √

Imvumelwano siqalo.√ (2)

8.1.4 Ubupigogo nobusakabuli buyaqedwa.√√/Umugqa wesi-8√√ (2)

8.1.5 OKUBILI kwalokhu: Ntengentenge√, shwi√/ bhu√ (2)

8.1.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Umhlaba uyabehlisa abazibeka phezulu, bashone phansi behluleke nawukukhuluma.√/
- Kuphela nya ukuzazisa baphenduke izihlupheki eziphila ngokucela.√/
- Umuntu okade ebukela phansi abanye ugcina naye eselapho phansi futhi esezothile bese kuthi labo akade ebabukela phansi banyukele phezulu.√ (2)

8.1.7 Isigqi sale nkondlo siyanensa√ ngenxa:
OKUKODWA kwalokhu:

- Yomyalezo wenkondlo oqukethe ukuyala abantu ukuba bahloniphe umhlaba.√/
- Yokuthi miningi imigqa emide.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

NOMA

Isigqi sale nkondlo siyashesha ngenxa:
OKUKODWA kwalokhu:

- Yokungabi nazo iziphumuzi eziningi ekugcineni kwemigqa.√/
- Yokungabi naso isizura emigqeni.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

8.1.8 Ovulekile: **Ngentobeko yobuphansi okwezintuthwane**/umugqa we-15√ ngoba awunalo uphawu lokuloba ekugcineni.√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

8.1.9 **Yebo, iphumelele ngoba ...**
Umyalezo uthi:
OKUKODWA kwalokhu.

- Umhlaba uyabathobisa abaziphakamisayo√/ngokuthi ubafundise isifundo esibuhlungu esizokwenza bawuhloniphe.√√/
- Akulungile ukuziphakamisa√ngoba ungazithola usuphoxeka noma usungena ezinkingeni ungabe usasizwa muntu. √√/
- Kuhle ukuzehlisa√ ngoba kukhombisa ubuntu.√√/
- Abantu abahluphekayo manje abangabukelwa phansi√ngoba kungenzeka bagcine sebephumelele nabo sebehlonishwa emphakathini.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

KANYE

8.2 **Kuyosala Izibongo –T Qwabe**

8.2.1 Wayengathethi.√ (1)

8.2.2 Ezazigijima mzila **munye** nezinyoka ezibulalayo,
Zibhukuda mfula **munye** nezingwenya ezibulalayo.√√ (2)

8.2.3 Imigqa EMIBILI kule elandelayo:

- Ezazigijima mzila munye nezinyoka ezibulalayo,√/
- Zibhukuda mfula munye nezingwenya ezibulalayo,√/
- Zibanga amaqele namabhubesi abulalayo,√/
- Zidwanguza amahlathi nezingwe ezibulalayo.√ (2)

8.2.4 Ifanankamisa.√ (1)

8.2.5 OKUKODWA kwalokhu:
Inhlaba√: imile ngezinyawo ihlobile√/**amatshe**√: elele ngezisu elanda ezasendulo/ **utshani**√: kukhwele ngezidindi kukhinindelana ezasendulo.√ (2)

8.2.6

- **Esho** ingoma - yinzwa yokulalela.√
- **Esenukelwa** yigazi - yinzwa yokuhogela.√ (2)

8.2.7 Ichaza ukuthi amabutho/izinsizwa zazishesha kakhulu uma zihamba.√√ (2)

8.2.8 D√/ukwedlula ushesha√ (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

8.2.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Lezi zinsizwa sezilwe isikhathi eside ngaphandle kokuthatha ikhefu.√/
- Lezi zinsizwa zafa zikhathazekile ngoba zingagezwanga iqunga kanye nezintelezi ezisetshenziswa uma uzoya empini.√/
- Akekho owaxolisa kubona njengabantu ababekade beyolwa ukuze imimoya yabo ilale ngokuthula baphumule nabo.√
- Lezi zinsizwa zakhombisa ubuqhawe ngesikhathi zilwa zibhekene nokufa.√ (2)

8.2.10 Izimpendulo ziyokwehluka:

Kuhle ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Abantu besilisa yibo kuphela ababebonakala belwa ngezikhali futhi bebeka nezimpilo zabo engcupheni.√/
- Abesifazane abanawo amandla kanye nesibindi sokubhekana nempi.√/
- Ngesintu abesifazane akumele babe sesizindeni sempi.√/
- Abantu besilisa babelwa izimpi ngoba bevikela izwe, izingane kanye nabesifazane.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)

NOMA

Akukuhle ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Abantu besifazane babamba iqhaza elikhulu ekubhekeni amakhaya kanye nezingane ngesikhathi abesilisa bengekho beyolwela inkululeko yezwe.√/
- Abesifazane bayabasekela abesilisa ngokubagqugquzela ukuthi balwe bangahlehli baze bayinqobe impi yezitha.√/
- Abanye besifazane babebambe iqhaza elibonakalayo kule mikhankaso yezombusazwe kanye nokulwela izwe.√/
- Abantu besifazane babenika abesilisa ubuhlakani bokubhekana nezinkinga ngesikhathi kuliwa.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70